

UNYAKA WEBANDLA

LASE SARDESI

🦋 ...inkosi. Umfowethu ubengitshela nje ukuthi bekukhona lamaduku, belingelomunye obulawa ngumdlavuzwa. Ngakho-ke sizobe sibakhulekela nje esikhashaneni. [UMfowethu Neville uthi, “Kunezicelo ezimbili ngqo ngakolunye uhlangothi.”—Umhl.] Izicelo ezimbili na? Kulungile, ngizo... [“Esinye sazo. Esinye yisicelo.”] Kulungile, mnumzane. Futhi ngizozibeka lapha ukuba ngizikhulekele nazo futhi.

² Futhi khona-ke umuntu othize ovele wedlulisa inothi, uyafika ngapha futhi wedlulise inothi ngaphezu kwalokho... mayelana nezinkonzo zakusasa. Nina enilapha enisivakashele, sizokuthokozela ngempela ukuba nani nehle ntambama ngehora lesibili nqo, kusasa ntambama, bazoba nezinkonzo yeteyipu. Futhi uma ungenzi lutho, kuzoba ngomunye wemilayezo o—ongakaze uyizwe izodlalwa futhi kube nomhlangano womkhuleko, futhi—futhi sizolindela nje isikhathi esihle kusasa ntambama ngehora lesibili nqo. Kuzoba isikhathi esimatasatasa impela kimi ngoba kusasa, niyabo, ngizofanele ngithathe iSonto ekuseni, kanti futhi neyangeSonto ebusuku, neyakusasa ebusuku, futhi, futhi wonke umlando walawo mabandla.

³ Futhi manje, ngeSonto ekuseni, iNkosi ithanda, silindele isikhathi esikhulu, ngoba ngeSonto ekuseni yikhefu lethu, kuthi akube yikhefu kusukela ngoMgqibelo ebusuku... uNyaka weBandla laseLawodikeya. Kodwa ngeSonto ekuseni ngifuna ukuthatha: *INtombi Elele*, futhi *UVuko*, *Ezine*... *Inkulungwane Eyikhulu Namashumi Amane-nane*, nazo zonke lezo ziphetho ezincane ezingathintiwe ezibophela umlayezo ndawonye ukwenzela iSonto ekuseni. Izinkonzo zizoqala ngehora lesishiyagalolunye nqo. Ngabe kunjalo, melusi na? Ngehora lesishiyagalolunye nqo, ngeSonto ekuseni, ukuthi sifuna ukuthatha zonke lezozinto njengokuthi “Kwenzekalani ngentombi elele, nokuthi kwenzakalani ngentombi ehlakaniphileyo na? Zibuya nini na? Noma iyobonakala kuphi inkulungwane eyikhulu namashumi amane-nane na?” Nezinto eziningi ezifana naleyo ngeSonto ekuseni, ukuzama ukubophela lokho ndawonye, okungukuthi kuhamba ngqo kungene nalomlayezo. Bese kuthi-ke ngeSonto ebusuku sizophakamisa ingelosi enkulu yokugcina noMlayezo eLawodikeya, ngeSonto ebusuku, iNkosi ithanda.

⁴ Futhi manje, khona-ke, kusasa ntambama yinkonzo lapha, inkonzo yeteyipu. UMfowethu Gene usanda kungitshela ukuthi

bazo...sizoqala ngehora lesibili nqo kusasa ntambama. Futhi nina bantu enithanda ukuza nizozwa imilayezo, nibe nomkhuleko nizungeze i-altare, wena ofuna uMoya oNgcwele noma okuthize, isikhathi esimnandi. Ibandla lihle futhi lifudumele, livulelekile, futhi lilungele noma ngubani nganoma isiphi isikhathi ofuna ukungena futhi akhuleke futhi afune iNkosi. Ibandla livulelekile futhi lilindile. Futhi thina si... sizobe sinilindele, ukukubeka kanjalo, sizobe sinilindele kusasa ntambama.

⁵ Noma nganoma yisiphi isikhathi ofuna ukungena ngaso ebandleni ukuba ukhuleke, ngani, lihlala njalo lilungele. Futhi uma kwenzeka ukuthi iminyango ikhiyiwe noma okuthile, ngaphesheya kwesitaladi lapho nje, umfowethu, ongumlinde lapha. Ngicabanga ukuthi ngu 411, ngikholwa ukuthi... Noma u 811 (ngabe lokho...?) 811, cishe nje ngokuvundla nje ebandleni lapha, 811. Yingani yena, u...umkakhe uzoba nawo ukhiye uma bedonsa umnyango ndawonye futhi uyakhiyeka, kodwa bawushiya uvulekile mhlawumbe benzele ekuseni, bawuvule. Noma, emuva kwenkonzo, uyavalwa ebusuku, ukuvimbela abantwana ukuba bangagijimi kuyo, niyazi, nokwephula amawindi kanjalonjalo; niyazi ukuthi abantwanyana banjani, kakhulukazi kulolu suku. Ngakho siyawuvala ngenxa yalokho. Siyakuzonda ngisho ukuvala umnyango noma ngasiphi isikhathi ebandleni. Mhlawumbe lapho omunye eselungisile, sizokuthola ukuze kwehluke ngaleyonkathi, futhi thina...othile angaba lapho ngaso sonke isikhathi ukuze abantu bengangena futhi bakhuleke, futhi bafune ukuphulukiswa, bafune uMoya oNgcwele.

⁶ Wena, ongenawo uMoya oNgcwele empilweni yakho, yehla, uhlale lapha, hlala nje ubusuku bonke uma ufuna, hlala nje uze uWuthole.

⁷ Bekungubani lowo phandle lapha esikhashaneni esedlule obecula, “uNkulunkulu kimi wonke, noNkulunkulu ndawozonke”? Bengi—ngicabanga ukuthi uHlwitho selufikile; mina, ngiqalaza lapho, futhi ngibone uma wonke umuntu wayesekhona. Bekumangalisa ngempela; ngiyakuthakasela lokho. Besingama kancane kulokho kakhulu nje noma nini. Yebo, mnumzane. Lokho yi...Ngisanda kungena nje, isikhathi sokuzwa lokho.

⁸ Futhi ngigeje konke ukucula okuhle kulemihlangano ngoba ngicabange ukuthi mhlawumbe ukuthi...O, ngimatasatasa kakhulu, niyazi ukuthi kunjani. Abantu—abantu bangena ngendiza, ngesitimela, nge...Ani—nikaze nikwazi, niyabo, ngoba nje kungena ngocingo, ufanele uye kubo, uhlangane nabo futhi ubakhulekele, futhi kuyo yonke indawo. Kuyahamba nje ngokuqhubekayo, futhi khona-ke ukuzama ukutadisha futhi; kukwenza kube yinkinga impela. Kodwa siyajabula njalo

ukuhlangana nabantu nokwenza lokho esingabenzela khona ngoba yi...lokho okwethu...siyinceku yomphakathi yeNkosi uJesu Kristu kubantu baKhe kulolusuku. Futhi sithanda ukwenza okuningi kunalokho esikwenzayo, kodwa asikwazi.

⁹ Umfundisi uphuthumile wangena kulokhu ukusa, ukugula kwemizwa, nje eba yizincezu, umfo okahle. Futhi ngoba waye... wamane wasebenza nje ngokweqile. Ube... Waqala ukusukuma, futhi intombazanyana yakhe ibimile egumbini, iqale ukushwilizisa. Ibigqoke amaphijama amancanyana abomvu; uthe into yokugcina ayikhumbulayo kwakuyichashaza elibomvu elincane elihambahambayo, lizungeza, lizungeza, lizungeza, kanjalo. Laphuma, niyabona. Futhi ngakho bamphuthumisa bamkhuphula. Ngakho kungu—kungumsebenzi nje omningi kakhulu, niyabo. U—uyakhumbula ukuthi ungumzimba futhi si—sifuna...sicabanga ukuthi wonke umthwalo uthweswe thina. Kodwa, niyazi, uNkulunkulu unezinceku yonke indawo ukunakekela okunye kwalokho, futhi ngakho senza nje okuhle ukwedlula konke esingakwenza. Kodwa umfundisi onomusa ezama ukwenza konke angakwenza kulolu izinsuku zokugcina ngenxa yeNkosi yakhe. Ngiqinisekile... Futhi iNkosi yamkhulula khona lapho, ukahle nje, futhi yambuyisela ngqo emuva, ngokujwayelekile, kulungile, wahamba ngendlela yakhe, ejabula.

¹⁰ Futhi, o, into enkulu yenzekile namuhla. Angifuni nje ukuqalisa ngalezozinto, kodwa...Niyazi, ngitshele umkami, ngathi, “Manje, kuzobakhona othize onyukela lapho, futhi uzoba indoda, emfishane, eqatha, izinwele ezimnyama namehlo amnyama, izofunda lolo phawu bese iqala uku... kodwa uyibize, uyabo.” Ngathi, “Ngoba iNkosi inomyalezo wayo.” Ngase ngiphakamisa ngavula iBhayibheli, futhi ngathi, “Ngizobeka lezizinto phakathi lapha ukuze ubone lokho ncamashi ukuthi iNkosi ifuna yenzeni.”

¹¹ Eminyakeni eyisishiyagalombili edlule, indoda yasePoland ivela ePoland, yavuswa ePoland...Emhlanganweni, yeza emsamo futhi bathi...noma uMoya oNgcwele wayibuka, wayitshela, wathi, “Udidekile nje.” Yilokho oku...Yacabanga ukuthi ngakusho, kodwa kwakunguMoya oNgcwele owakusho. Kwahlala nayo ngqo njalonzalo, futhi ekugcineni kwayidonsa isuka eDolobheni laseKansas kuye esakhiweni izolo ebusuku, futhi khona-ke ithole ukudideka ngempela ngenkathi izwe ngalowo mbhaphathizo wamanzi. Ithambe yaya ehhotela layo, noMoya oNgcwele wathi, “Vuka manje futhi uqhubekele phezulu lapho.” Omunye ubefuna ukuza kanye nayo, kodwa ikwenqabile ngoba embonweni izifikela yodwa. Niyabo? Futhi ngakho... futhi yona, isamnumzane ohloniphekile ukufunda uphawu, yaqala, yafulathela, futhi unkosikazi wayibiza futhi ngaya emnyango, ngathi, “Leyo yi—leyo yiyo, ivumele ize.”

¹² Yathi, “Yini okufanele ngiyenze na?” Emva kokuba isibonile, yathi, “Manje ngiyakubona.”

Ngathi, “Ngifuna ukukukhombisa lokhu ukuze uzokwazi manje, uyabo.” Ngathi, “iNkosi ingitshele ukuthi ubuza.” Ningayibuza. Ngathi, “Manje, nanku umBhalo. Funda khona lapha ngaphambi kokuba uqhubeke.”

¹³ Awu, ilapha ukuba ibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu manje. Ngakho...?...Ingahle ukuba ihlezi khona manje, ngakho konke engikwaziyo. Ngabe ulapha, mfowethu na? Umfowethu, umfowethu wasePoland. Hhe? Ya, emuva ekhoneni nango, yebo. Sukuma...phakamisa isandla sakho ukuze bazokubona lapho. Kulungile. Ukubona uMoya oNgcwele... Lokho nje kwenzeka ngaso sonke isikhathi. Abantu abaningi ucabanga ukuthi imibono iza nje emsamo. O, lokho akukuqali. Uthini ngakho, Mfowethu Leo na? Yonke indawo nje, uyabo. Awu, lena yindawo encane yaKho, lapha. Lokhu nje yilapho okwenzeka khona okuncanyanya. Phandle lapho lapho Kuhamba khona imini yonke nobusuku, niyabo. Ya, buzani umkami, futhi yena...noma bona, nomakhelwane wami emuva lapho, uMfowethu Wood, nabo bonke labo okhona. O, he! Lezi yizinto ezincane—ezincane lapha; yizinto ezinkulu ezenzeka lapho. Manje, futhi ingxenye ayikaze neze ishiwo. O! Ngijabule kakhulu ngakho, ukwazi ukuthi iNkosi yethu iyeza maduze futhi sizoba naYo kuze kube phakade khona-ke; hhayi *kuze kube-phakade*, kodwa kube *iPhakade*, kube *iPhakade*.

¹⁴ Manje, iNkosi ithanda, ngikholwa ukuthi ziyishumi nesishiyagalombili, iSonto, iviki. ISonto, iviki, ziyishumi nesishiyagalombili. Saba nempi eyesabekayo; uSathane uzame ukunginikeza lo mkhuhlane abanawo uhambahamba lapha, ngivele nje ngawubuyisela kuye; futhi unginika wona, futhi ngiwubuyisela kuye. Ngakho...futhi ngakho ngibe nempi encane impela. Ngakho mhlawumpe sizoyilwa ngeviki elizayo. Bese kuthi-ke, iNkosi ithanda, ngeSonto elizayo, ziyishumi nesishiyagalombili. Futhi sizozama ukuletha enye inkonzo ukukhulekela abantu abagulayo ngoba ba...izinto ziyatakelana futhi ziyatakelana nezimo eziphuthumayo ngokwedlulele impela sizama ukunakekela ngokushesha esingakwenza, futhi amahora, onke amahora obusuku nakho konke okuzayo nokuhambayo. Ngakho ziyishumi nesishiyagalombili sizoba nenkonzo yokuphulukisa ejwayelekile. Futhi uma unabathize abathandekayo bakho abafuna ukukhulekelwa, awu, bakhuphule, noma ubangenise ngaleso sikhathi.

¹⁵ Manje, kukhona omningi abafo baseJeffersonville ubengitshela, bathe bayenyuka ngesikhathi ukuze bafike lapha, cishe ngelesihlanu nqo, bathe akusekho ndawo yezimoto zabo (noma ngelesithupha). Ngakho ba...Ngithe, “Awu, wena... Lona ngabazalwane bethu abavakashile abavela kuyo yonke

indawo, abantu, abefundisi abaningi.” Ngithe, “Ba—balele esifundisweni saLokhu.”

¹⁶ Futhi sizama nje ukushaya izinto ezisemqoka. Bese kuthi-ke emva kwesikhashana, ngani, sizobanakho esimweni sencwadi ukuze nizokufunda futhi—futhi kuzoba okuncane—okuncane okwengeziwe kuyo, ngoba ebusuku... Niyaqaphela, ubusuku obedlule obuthi abube bubili, ngizamile, kade, ukonga iphimbo, niyabo, ngoba lolo vuthondaba olukhulu, yilokho engifuna ukukubona; lapho lapho isambulo sikaKristu senziwa kulonyaka, niyabo, sokuthi siyini.

¹⁷ Futhi manje, ngaphambi kokuba siqale ukufunda imiBhalo... Futhi ngiyazi kusasa usuku olukhulu lokuhweba lapho sonke sizofanele siyothola igrosa yethu yangoMgqibelo ebusuku. Futhi sifanele sibathole ngoMgqibelo ntambama noma ngoMgqibelo ekuseni, eyodwa, ukuze sizokwazi ukuba nobusuku bangoMgqibelo sikhululekile ukuza esontweni. Ngakho sizozama ukuphuma kuse-eli kulobubusuku ukuze ningezukukhathala kakhulu kusasa ukuze nikuthole, bese kuthi-ke sibuye enkonzweni yantambama nabafowethu lapha namateyipu kanye—kanye futhi okobusuku bakusasa.

Manje, singama nje okumzuzwana senzele umkhuleko, uma nithanda.

¹⁸ Angazi, ngaphambi kokuba sikhuleke, uma ekhona lapha onezicelo ezikhethekile zomkhuleko, uma nje ungakwazisa ngesandla esiphakanyisiwe. UNkulunkulu uyabona. Manje niyabo noma ngabe sisezweni elidingayo noma qha, bazalwane. Ngiqagele amaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye nanhlanu noma angamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalombili ezethameli aphakamise izandla zawo okwamanje uku... Manje, khumbulani, ungeke ngisho wanyakaza ngaphandle kokuba uNkulunkulu akwazi. Niyabo? Uyazazi izinhloso zakho, Uyazi ukuthi ubucela ini.

Masikhothamise amakhanda ethu:

¹⁹ Baba waseZulwini onomusa, sisondela ebuNgcweleni baKho kulobubusuku, isiHlalo saKho sobukhosi, ngesithembiso saKho Owasho ukuthi Uyokuzwa. Futhi uma besizokholwa, Uyosipha lokho esikucelile. Futhi siyawavuma onke amaphutha ethu. Siyaqonda, Nkosi, ukuthi asi—asifanele noma yisiphi sezithembiso zaKho. Asi—asifanele. Asikufanele ngokuphelele, futhi asizi njengokungathi sasi—sasifanele futhi—futhi senze into enkulu. O Baba, uma sibuka iKalvari, lokho kususa bonke ubukhulu kithi, asa—asazi lutho ngaphandle kukaKristu naYe obethelwe. Khona-ke lapho sibona ukuthi Wavuka ngosuku lwesithathu ngokwemiBhalo, ngokulungisiswa kwethu, wabuyela emuva ezinsukwini ezingamashumi amane kamuva esimweni sikaMoya oNgcwele, ukuze uhlale nathi kuze kuthi ukubonakala kwaKhe okubonakalayo ezibhakabhakeni

esikhathini sokuphela. Futhi sibona leso sikhathi sokugcina sisondela ngokushesha impela manje. Futhi thina singabantu abajabule kakhulu, Nkosi, ngoba ukuthi—ukuthi Usinikeze lenhlanhla enkulu.

²⁰ Ngibonga kakhulu, Baba, ukuthi lezizethameli ezilalele zihlezi nezinhliziyo ezikhothame, futhi zilalele...?...Futhi khona-ke, Nkosi, ngiyakhuleka ukuthi Uzongcwelisa izindebe zami kulobubusuku, futhi njalo ebusuku futhi ngaso sonke isikhathi engizokuza ngaso epulpiti laKho ukukhuluma kubantu baKho; ngoba, Nkosi, ungangivumeli neze ngikhulume noma yini engalungile. Usenawo amandla ukuvala imilomo njengoba Wenza emphandwini wezingonyama ngoDaniyeli. Futhi uma bengizosho noma yini ebingahambisani nentando yaKho, vala umlomo wami, Nkosi, ukuze ngingakukhulumi. Yedlula imicabango yami; ngibeke endleleni efanele, Nkosi, lapho engingezukukhuluma lutho kepha iQiniso. Ngokuba ngiyaqonda ukuthi kulolosuku olukhulu laba bantu bayobe belindile ngaleya e...belindile ngokwenkonzo engibashumayeze yona. Uma Uza uku—ukuthatha noma yiyiphi yezinkanyezi zaKho, nezingelosi zaKho, abefundisi baKho, izinceku zaKho, ziyodingeka zibhaxabulwe kuqala ngokwale Milayeze ebesikade siyishumayela lapha. Uyozibeka icala, izinceku zaKho.

²¹ Manje, Baba, ngiyakhuleka ukuthi Uzovumela uMoya oNgcwele ukhulume futhi hhayi umuntu. Soka izinhliziyiyo zethu ukuze sizokuzwa Yena. Ngizobe ngilalele, Baba. Ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa abagulayo nabahluphekileyo. Konke lokho abantu abakudingayo, yonke indawo, makuthi umusa waKho nesihawu ube nabo. Siphe zonke izicelo ezazisiwe kulobubusuku ngezandla eziphakanyisiwe. Ngaphandle ezweni lonke lapho abanye abaningi bayahlupheka, ngisho nalabo lamaduku abamele, futhi lezizicelo zibekwe ngaphansi kwesandla sami lapha, vumela uMoya oNgcwele uphendule, Baba, futhi phulukisa abagulayo. Khuluma kithi manje ngeZwi laKho elilotshiwe, ngoMoya oNgcwele, sicela eGameni likaJesu. Amen. Hlalani phansi.

²² Manje, kulobubusuku kufudumele kancane ebandleni. UNyaka weBandla laseLawodikeya omkhulu uyeza. Futhi kulobubusuku sisondela kulowo omunye unyaka webandla omkhulu ozoba u—unyaka webandla lesihlanu. Sithathe unyaka webandla lokuqala, okuyi-Efesu. Ngingahle ngiphindaphinde ngifunde lokhu ekuqaleni, ayebhalwe onke futhi ngakho ngingathanda ukuphinda ngiyifunde ngenzele nina eningathanda ukuhlola amaphepha enu.

²³ Unyaka webandla lokuqala kwakunguNyaka weBandla lase-Efesu, kusukela ku-A.D. 55 [U-A.D. usho ukuthi emva kokuzalwa kukaJesu—Umh.] kuya ku 170. UPawulu eyinkanyezi, futhi kwakungunyaka webandla lokuqala.

“Imisebenzi ngaphandle kothando” kwakungukukhonda kukaNkulunkulu. Umvuzo kwakungu “Muthi wokuPhila.”

²⁴ Unyaka webandla lesibili kwakungu 170 kuya ku 312, u-Irenaeus eyisithunywa sosuku. Futhi ukukhononda kwakungukuhlu-...kwakungukuhlushwa, futhi ibandla elihlushiwe. Umvuzo, “Umqhele wokuPhila.”

²⁵ Unyaka webandla lesithathu kwakuyiPergamu, uMartin oNgewele eyisithunywa kulelo bandla. Unyaka webandla wawusukela ku 312 kuya ku 606. Ukukhononda kwakuyi “mfundiso yamanga, ukuqamba amanga kukaSathane, isisekelo sokubusa kobuPhapha, futhi umshado kwakuyibandla nombuso ndawonye.” Umvuzo wawu “yimana efihliwe, netshe elimhlophe.”

²⁶ Futhi unyaka webandla lesine kwakuyiThiyathira; uColumba eyingelosi yalowonyaka webandla, isithunywa; 606 kuya ku 1520. Futhi unyaka webandla wawungubuPhapha obudukisayo, eziKhathini zobuMnyama. (Bekungobusuku bokugcina, niyazi, eziKhathini zobuMnyama.) Futhi u—umvuzo, wawu “ngamandla okubusa izizwe, neNkanyezi yoKusa,” engelosini.

²⁷ Manje, kulobubusuku, siqala unyaka webandla lesihlanu, okungunyaka webandla laseSardesi, S-a-r-d-e-s-i, Sardesi. Futhi isithunywa kulonyaka webandla kwakunguMartin Luther, uba ngojwayelekile kakhulu kwisifundiswa seBhayibheli noma lomfundisi, noma abangafundele lutho, njalo, namuhla. Futhi lowonyaka webandla waqala ngo 1520 futhi waphela ngo 1750, 1520 kuya ku 1750; futhi unyaka walokho esikubiza ngokuthi u “Nyaka weNguquko.” Futhi ukukhononda kwakunguku “Sebenzisa igama labo.” Futhi umvuzo wensali encane eyashiywa, wawunguku “Hamba phambi kwaKhe ngengubo emhlophe, futhi amagama abo eNcwadini yokuPhila yeWundlu.” Kwangathi iNkosi ingasibusisa njengoba senza manje.

²⁸ Manje siqala evesini 1 lesahluko 3, salonyaka webandla. Umyalezo waseSardesi, inkathi yenguquko. Insali encane ekholwayo eshiyiwe, ecishe yaphuma.

²⁹ Manje kwabanye abayizifiki ezintsha, ningahle nithi lapha, ukuthi...ukuze ningabi semuva kukho. Kuthi ukungabinanhlonipho, futhi ngesinye isikhathi sizofika lapho esingabeka khona imiyalezo yethu ngaphandle e...siyidwebe, size ntambama futhi siyilungise; kungahle kwenziwe ngeSonto. Manje, lena ngaminye imele ifir-...unyaka webandla: elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa. *Lokhu* kuqala ngeFiladelfiya...

³⁰ Futhi *lokhu* phezulu lapha kumele a—amandla epentekoste, noma ibandla elalisePentekoste. Kwakuyibandla elikhulu kakhulu ekuqaleni, kodwa baqala u—u—umoya wehlelo

ufika phakathi kwabo, bezama ukuhlela iBandla, elalibizwa ngokuthi “Imisebenzi yamaNikolawu.” Niyangizwa le emuva na? Ya? Kulungile. “Imisebenzi yamaNikolawu.” Manje, kwakungakabi *imfundiso* ngalesosikhathi. Futhi khona-ke sithathe iZwi futhi salihlaziya, yayini “imisebenzi,” babuyini “ubuNikolawu.” Lelo igama elingaziwa kithina, ubuNikolawu, ngakho ngithathe isiGreki ngasihlaziya. Futhi *Niko* kusho “ukunqoba,” noma “ukunqoba,” noma “ukwahlula okuthile.” Nikolawu, *lawu* yibandla, “abagafundele lutho.” Nikolawu, i—imisebenzi eyayizama ukwahlula abangafundele lutho, futhi yabeka sonke isibusiso...futhi oyedwa kuphela ukufunda iBhayibheli, noyedwa kuphela ukunikeza ukuhumusha, bekungaba ngumbhishobhi noma othize umuntu omkhulu oyinhloko yebandla.

³¹ Khona-ke siyathola, onyakeni webandla lesibili, bekuyoqala ukukhama indlela. *Lokhu* kusalokhu kuyiPentekoste; futhi *lokhu* yihlelo (d).

³² Manje, onyakeni webandla lesithathu, iPergamu, iPentekoste laci she impela lakhanywa laphuma. Kodwa imfundiso yehlelo, iba ngokusuka e “msebenzini” *lapha*, yonke indlela eya e “mfundisweni” *lapha*. Khona-ke bathola ngempela, bashada khona lapha. Bashada! I...leli qembu lapha lalehlu le ngamandla amaqembu amapentekoste.

³³ Manje indlela engikusho ngayo lokho, bazalwane, lelo iqiniso elithembekile. Lokho kungokwemibhalo engcwele yemilando. Izincwadi zoMkhandlu waseNayisiya, *Foxe's Book of the Martyrs*, nayo yonke imibhalo emikhulu yasendulo. Ngineminye yemibhalo yesandla emidala kakhulu ekhona. Futhi yonke...angikusho lokhu...Angisho ukuthi ngiyiPentekoste. Lokho akusho ukuthi...Uma ngithi “ipentekoste,” lokho akusho lenhlangano yosuku esiphila kulo. Lena inecala nje njengawo onke. Kodwa ngiqonde ipentekoste yangempela, uMoya wangempela kaNkulunkulu neMfundiso yasekuqaleni, nezibusiso zasekuqaleni, namagama asekuqaleni, nayo yonke into ncamashi indlela okwaqala ngayo ekuqaleni njengoba kwadabula eBhayibhelini.

³⁴ Manje, khona-ke uma sifika *kulonyaka*, niyabona ukuthi iPentekoste liphuma kude kangakanani. Niyakubona ngemuva kahle na? Ningakwenza phandle le emuva lapho na? Kulungile. Manje, lapha kuza, izolo ebusuku, unyaka omkhulu esikuwo *lapha*, uConstantine, uConstantine, uC-o-n-s; ngizokubeka. Yena, engumhedeni, wa...wabuza lamaKristu *lapha* (lawo ayenemfundiso yamaNikolawu) uma bebeyokhulekela ukuthi ubeyonqoba empini ethile; awu, ubeyoba ngumKristu. Ngaleso sikhathi ngenkathi wayesempini, waphupha iphupho ukuthi wayefanele...Ngesiphambano esimhlophe esasibekwe phambi kwakhe, wathi, “Ngalesi uyanqoba.” Futhi kunjalo. Khona-

ke wavusa amabutho akhe futhi wapenda izinhlangu zawo isiphambano esimhlophe, futhi leyo kwakuyindawo yokuzalwa noma ukuqala kwenqubo yamaKatolika, namuhla, obizwa ngokuthi amaQhawe asendulo kaColumbus.

³⁵ Manje—manje, uConstantine, kukhona i...angeke ukhothoze into eyodwa emilandweni, yakhe ephenduliwe. Wayengelutho kuphela usopolitiki osontekile. Wayenombono engqondweni yakhe u—ukuhlanganisa umbuso wakhe futhi awenze uqine. Ngakho yena kuye uqobo, engumhedeni, wakhonza izithombe; khona-ke wabona ukuthi imfundiso yamaNikolawu yayisicishe impela ikhanyelwe endaweni, ngakho wasebenzisa isu elifanayo esilithole izolo ebusuku.

³⁶ Futhi uJesu wakubikezela eminyakeni engamakhulu amathathu nane ngaphambi kokuba kwenzeke, ukuthi ubeyofundisa imfundiso kaBalamu. Ukuthi uBalamu wabakhohlisa kanjani abantwana bakwa-Israyeli, wababangela ukuba benze ubufebe futhi—futhi banikele... ukuthatha izinto ezinikelwe ezithombeni, badle izinto. Manje, siyazi ukuthi “ukudla lezi zinto ezinikelwe ezithombeni,” ukuthi empeleni kwakuyini, kwakungukukhonza. Ukungena, babekhothamela izithombe, bebuyisela izithombe ebandleni lamaKristu; njengoba nje uBalamu enza emuva lapho, wenza ukuba u-Israyeli enze ubufebe, ukuba aye kulomkhosi omkhulu wesithombe.

³⁷ Awu, uConstantine wenza into efanayo ngesu lakhe, futhi wenza ibandla. Wanikela okuningi eMkhandlwini waseNayisiya, futhi khona-ke ba... Wenza i—inqwaba yezakhiwo ezinkulu ayenazo, futhi waziguqula zaba ngamabandla. Futhi khona-ke wenza i-altare elikhulu lemabula, lihlotshiswe ngegolide nangamatshe ayigugu. Phezulu enhla lapho wabeka okufana nesihlalo sobukhosi, futhi wenza indoda eyodwa inhloko njenge... yayibizwa ngaleyonkathi “ngombhishobhi.” Futhi bambeka phezulu kwalesisihlalo sobukhosi, uBoniface III wabekwa esihlalweni. Hhayi nje ukuthi kuphela wahamba wazungeza embethe izingubo njengoba u—umuntukazana enza, kodwa bamenzela i—ingubo ende ekahle futhi bamgqokisa njengonkulunkulu futhi bamhlalisa phezulu lapho futhi bambiza ngokuthi “UMBambeli.” UMBambeli, noma *Vicarivs Filii Dei*, kuchaza ukuthi “esikhundleni seNdodana kaNkulunkulu.”

³⁸ Manje, nakhu kulowo onokuhlakanipha, dweba, kubhale lokho: *Vicarivs Filii Dei*. Futhi khona-ke uma udweba umugqa ngaphansi lapha futhi uhlanganise izinombolo, futhi uthola ngqo lokho uNkulunkulu akusho ukuthi uphawu lwesilo lwaluyikho: amakhulu ayisithupha namashumi ayisithupha nesithupha. Niyabo, uVicarivs Filii... Manje, kade ngiseRoma futhi kade ngiseVatican. Futhi umqhele okathathu: amandla

esikhundla sesihogo, izulu, nesihlanzo. Niyabo? Nawubona umqhele, nayibona ivesti, niyakubona konke, khona lapho.

³⁹ Empeleni, ngoLwesine ntambama ngehora lesithathu ngqo ngangifanele ngihlangane nophapha *wokugcina* owayelapho. UBaron von Blomberg wayena... futhi khona-ke wathi, “Manje, uma uhamba, Mfowethu Branham, into yokuqala okufanele uyenze ukukhothama ngedolo lakho lesikudla bese wanga leyondandatho.”

⁴⁰ Ngathi, “Lokho kuphumile. Lokho kuphumile. Kukhohlwe nje.” Ngathi, “Nginikeza... anginalutho olumelene nendoda, yena...?...” Kodwa ngathi, “Kukhona into eyodwa, ngizonikeza indoda isiqu sayo. Uma engu ‘Mfundisi ohloniphekile,’ kulungile, u ‘Mbhishobhi, iLunga, uDokotela,’ noma ngabe yini, ngizoyibingelela ngentokozo indoda. Kodwa ngiyikhonze indoda na? Ngikweleta ukukhonza kwami kumuntu oyedwa: uJesu Kristu. Yiloyo muntu kuphela engiyomkhotamela.” Ngathi, “Kukholwe nje. Vele ukukwesule nje.” Bengingeke ngakuthatha. Futhi ngakho ngi...

⁴¹ Sengibuyele ekhaya ngathola ukuthi kwakukhona omunye umMelikana omkhulu owenza lokho, futhi, uTeddy Roosevelt. Wenqaba ukukwenza ngenxa ye... Niyakukhumbula lokho emlandweni na? Ukuthi wenqaba ukubona uPhapha ngoba kwakufanele ange indandatho yakhe noma... Babenayo ozwaneni olukhulu, futhi, niyazi. Ngakho... O, qha. Qha, lokho kuphumile. Ngakho-ke...

⁴² Noma kunjalo, e... Manje, njengoBalamu... Khona-ke sithola ukuthi izolo ebusuku, ngaleya... Manje, lapha kuqala, ngaphambi kokuba sisuke lapha, baqinisa ibandla futhi bashada, bathola imibono ethile yobuhedeni, izithombe zobuhedeni ezazisebandleni. Unkulunkulu kaJupita, unkulunkulu welanga, unkulunkulu kaMas, unkulunkulu kaVenisi, futhi zonke lezo zithombe zonkulunkulu futhi konke wakukhiphela emabandleni obuhedeni; futhi wabeka uPawulu, uPetru, intombi uMariya, bonke labo, futhi wathi, “Nangu uMbambeli wenu ngoba uJesu watshela uPetru, ‘Ngikunika izikhiye,’ futhi ungumlandeli wobupostoli.” Lokho kuseyimfundiso yamaKatolika kuze kube yilolusuku. Futhi babeka izithombe. Futhi benzani na? Wangenisa ukukhonza kwezithombe ebuKristwini, okubizwa ngobuKristu; hhayi ubuKristu bangempela, ngoba amapentekoste amancane...

⁴³ Manje khumbulani, angisho... angishongo ukuthi, “iBaptisti, iMethodisti, iPresbyterian,” baphakathi bonke. Kodwa eyangempela, into yoqobo kuNkulunkulu kwakuyipentekoste; kwakuyiyo, yiyo, futhi kuyohlala kuyiyo! Yilapho iBandla eliqala khona, khona lapha naMandla ePentekoste.

⁴⁴ Manje, wena uthi, “Kunjalo, Mfowethu Branham na?” Ngizonicela ukuba nithathe imilando, futhi nibuke phansi nedlule ngomfudlana wesikhathi kuze lapha, futhi uthole uma wonke umuntu walabo bangempela, abantwana bakaNkulunkulu beqiniso ababambelelanga kulesosiBusiso sePentekoste; bakhuluma ngezilimi, bahumusha izilimi, baba nezibonakaliso nezimangaliso, babhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. Yonke into abaphostoli abayenza, nabo bayenza, kwehle kudabule lapho. Yingaleso sizathu phakathi lapho, ngifunda umlando, ngathatha uPawulu no-Irenaeus futhi—futhi—futhi—futhi kwehlele kuMartin oNgcwele, uColumba; wonke umuntu walawo madoda (kwehle kuyothi ngqu phakathi kulonyaka lapha), babenezibonakaliso nezimangaliso.

⁴⁵ Kulungile. Uthe bebe...imiyikhi ibinokuncane...Ngabe lokho kungcono na? Kulungile. Qhabo, banikina ikhanda labo, abezwa nhlobo manje, Billy. Kulungile. Niya...? Ngabe ku...? Manje, niyangizwa manje na? Manje, kunjani lokho na? Ngabe kungcono lokho na? Yebo? Wonke umuntu uthi, “Kulungile.” Paul, lolu uphawu olulodwa olumelene nawe. Kulungile, okeyi.

⁴⁶ Manje, kulonyaka lapha khona-ke ngenkathi esenze lento enkulu kakhulu, futhi wabeka lomuntu lapha njengombhishobhi womhlaba wonke ngaphezu kwawo onke amabandla, wawanika imali eningi nokunye nokunye, futhi wabathembisa, futhi wahlanganisa ibandla nombuso ndawonye, futhi wavumela ibandla lilawule umbuso. Wamenza indoda enkulu. Ngakho kukhona impela...Lokho uConstantine akwenza yinto efanayo impela esayithola ngale kuleli elinye ibandla, yilokho uNkulunkulu akusho; ukuthi, ngezinsuku zika-Eliya, ukuthi bavumela lowo wesifazane uJezebeli ukuba athobise abantwana baKhe; lokho kwenzeka eziKhathini zobuMnyama. Futhi bukani lapha ukuthi iPentekoste ikuphi manje. He, he! Kwavele kwabamnyama-bhuqe. Futhi cishe iminyaka eyinkulungwane, khona...kusukela cishe ku 500 kuye ku 1500, kunjalo, lokho ngu 606 kuye kuma '530... '520, kuyizinombolo ncamashi, kodwa khona ngqo eminyakeni eyinkulungwane. Bayo... izinhlu pho zegazi. Fundani umlando.

⁴⁷ Manje, iKatolika liyonitshela ukuthi ibandla lamaKristu, babeyibandla lamaKristu. Bayibandla lamaKristu eliyihlelo. Kodwa amapentekoste eqiniso acindezelwa aphuma, abulawa, futhi abulawa ngamabomu, futhi abekwa ekufeni ngophapha nababhishobhi nokunye nokunye, igazi njengoba kwakungenzeka.

⁴⁸ Manje, ngelinye ilanga lokho kuyongibiza ukuphila yami, niyabo, ukusho lokho. Kodwa lokho into eyodwa eyiqiniso, ngiyayazi indlela engibheke kuyo, manje ngiyazi. Ilokhu nje ivuza igazi. Kodwa sekufika ihora manje, enilibonayo ngalokho okuqhubekayo esizweni ukuthi akusezokuba kade. Ungalokothi

neze wesekele kuLokho! Lelo yiQiniso. Hlala naLo ngqo. Xubanisa igazi lakho njengabo ngalolosuku.

⁴⁹ Manje, phakathi lapha niyakubona okwenzekile. Khona-ke phakathi lapha kungena imfundiso kaJezebeli. UJezebeli wayengowesifazane, umhedeni o . . . u-Ahabi wenza into efanayo eyenziwe nguConstantine; washada lowesifazane ukuze aqinise umbuso wakhe, futhi waletha ukukhonzwa kwezithombe kwa-Israyeli njengoba nje impela uConstantine enza emuva lapho. Futhi iPentekoste yayisicishe yaphela nya.

⁵⁰ Manje, uNkulunkulu wavusa uMartin Luther. Ngifuna niqaphele ukuthi kuphuma kanjani *lapha* futhi cishe impela kufiphale nya, khona-ke kancane kuqala *lapha*, futhi kwehlele *lapha* futhi. Futhi ngithe ukukumaka ngaphezulu lokho ngoba kuyi—kuyisifundo esikhulu sangeSonto ebusuku, iNkosi ithanda.

⁵¹ Manje—manje, ngiyakholwa ukuthi sithi ukubanjwa manje lapho esikhona. Manje, khona phakathi *lapha* yi—yiZikhathi zobuMnyama, khona lapha, kusukela ku 1500 . . . kusukela ku 606 kuya ku 1520. Khona phakathi lapha. Ngizobeka lokhu lapha ukuze nizo . . . 606 kuya ku 1520. Lokho kuseZikhathini zobuMnyama, leli bandla khona *lapha*, iZikhathi zobuMnyama. Manje, lelibandla esiphuma kulo manje yibandla lamaLuthela.

⁵² Manje, iningi bonke emuva lapho, labobantu bafa ngaphandle e . . . Lamadoda anjengo Irenaeus, noMartin, noColumba, futhi afiphala. Futhi manje thatha noma ngubani ofuna ukuhlola emuva noma yimuphi umlando owufisayo, uma kungesiwo umlando oyiqiniso, futhi lapho bekutshela ukuthi “uPatrick oNgcwele wayeyiKatolika,” abazi ukuthi bakhuluma ngani. UPatrick oNgcwele walibhikishela ibandla eliKatolika, futhi akazange aye eRoma, futhi wenqaba ngokuqinile imfundiso yawo. Kunjalo impela. Uya enyakatho yeEng . . . noma e-Ireland namuhla, futhi uzobona into efanayo. UPatrick oNgcwele wayeyindoda kaNkulunkulu! Kodwa, uPatrick oNgcwele, lapho kwashiwo phakathi lapho ukuthi wa—waxosha zonke izinyoka zaphuma e-Ireland, lokho kwakuyingane kwane.

⁵³ Bangaki kini oke wafunda futhi wezwa ngoWilliam Tell edubula i-apula ekhanda lomfana wakhe na? Leyo yingane kwane yamaKatolika, alikaze libekhona izwi layo kanjalo. Ngangikhona lapho lapho okwakufanele kwenzeke khona. Kulotshiwe phezulu lapho, “inganekwane, akunjalo,” eSwitzerland. UBilly nami sasihlezi khona lapho eceleni kweLake Lucerne lapho ayenze i—into yayingukuthi, wadubula umuntu; lelo yiqiniso, kodwa hhayi i-apula lisuke ekhanda lomfana wakhe. Leyo nje ingane kwane, izinkolelo-ze nezinto, akukaze kubenjalo. Abanawo amarekhodi akho lapho, lapho okwenzeka khona noma yini, ukuthi bake bakwenza. Futhi ngempela kwamsaphaza owesifazane phandle lapho futhi kusho

ukuthi kwakuyini. Manje, kodwa kulokhu, akusiwona ngempela umlando othi ukwenzile. Niyabo.

⁵⁴ Ngakho manje phakathi lapha, onyakeni webandla, yilapho kwacishe kwafiphala khona, kwaphela ngokuphelele ukuba khona. Manje kulona omunye unyaka kuza unyaka weNguquko. Manje, lezizinto lapha emva cishe kweminyaka eyinkulungwane yobumnyama bhuqe nobumnyama nokufiphala, nokunye nokunye kanjalo, ibandla lacishe lalahlekelwa ukubona kuka-Irenaeus. Wayeyindoda enkulu, indoda emesabayo uNkulunkulu. Ayekanjalo amakhulu amaningi alabo abangcwele abayigugu abanikela ngegazi lokuphila kwabo ngokukhululekile nje (kumiwe kuleyo nkundla) njengoba babengenza, niyabo, ngenxa yembangela kaKristu, ngenxa yombhaphathizo eGameni likaJesu Kristu, ngokukhuluma ngezilimi, ukuvuka kukaJesu Kristu kuphila empilweni nobukhona baKhe bobuNkulunkulu lapho, ngenkathi abantu abazibiza ngamaKristu wayebahlupha. Kunjalo. Kunjalo impela.

⁵⁵ O, kungu—kunguligiyona onedemoni ofanele isihogo angazi ini. Ekhuphuka kanjalo futhi ezibumba wona uqobo futhi ezenza, “ezibiza ngomprofethikazi, umhumushi ngokukaNkulunkulu weZwi, akukho muntu okwaziyo ngaphandle kwabo.” Ezibiza yena, kodwa ungumqambimanga. Niyabo? Lapho niyabo. Kodwa ngesikhathi esifanayo; wathola ingelosi yaKhe lapho, neQiniso. IQiniso liyobuyela emuva njalo kuLokhu. Niyabo? Njalo kubuyela emuva ekuqaleni, ngoba uNkulunkulu akaguquki neze kuLokho.

⁵⁶ Manje, futhi sitholile futhi, izolo kusihlwa, ngaphambi kokuba sishiye lokhu, ngakho kuyoxazululwa enhliziyweni yakho. Hhayi ukuthi kuphela kwenzeka... Emfanekisweni, uJezebeli, wayene—nendodakazi. Niyakukhumbula lokho na? Futhi iSambulo 13 sathi lelibandla elihlubukile, iRoma, lalinamadodakazi. “Wayengunina wezifebe.” Ngabe iqiniso lelo na? UJezebeli wayenendodakazi, futhi uJezebeli wenzani ngendodakazi yakhe na? Niyabona ukuthi kanjani zonke lezo zinto, imifanekiso namathunzi. UJezebeli ebone ukuthi indodakazi yakhe yagana uJehoramu, owayeyindodana kaJehoshafati eJudiya.

⁵⁷ U-Israyeli wayehlukene ngalesosikhathi, kanjena. Nanti iJerusalema *lapha*, futhi nanti iJudiya *lapha*. Awu, u-Ahabi wayelapha, futhi uJehoramu wayelapha. Kulungile, uJezebeli wayenalokhu kunqotshiwe, u-Israyeli wonke wayethathe izithombe. Khona-ke... (Bonke kodwa u-Eliya naleloqembu elincane elithembekile.) Kulungile. Manje, ngakulolu hlangothi kwakunguJehoramu phezu kukaJuda; futhi lapho ethole ingane ku-Ahabi, wathatha lentombazane futhi wayiganisela indodana kaJehoramu... noma indodana kaJehoshafati

okwakunguJehoram, futhi waletha ukukhonza izithombe kwaJuda, futhi wamisa ama-altare obuhedeni eJerusalema.

⁵⁸ Yilokho kanye okwenziwa ibandla elikaKatolika! Wakhapha imfundiso yakhe yehlelo nokunye nokunye, futhi wasika uMoya oNgcwele wawukhipha ebandleni phansi *lapha* nendodakazi yakhe (iLuthela, iMethodisti, iBaptisti, iPentecostal, nokunye nokunye). Yilokho impela akwenzile. IBhayibheli lathi, “Ungunina wezifebe.”

⁵⁹ Manje, bukani nje nedlule emiBhalweni. Nibona— nibona noma yini nayikuphi ukwehluka emBhalweni, futhi umlando ushaya ngqo kulezo zimpawu ezifanayo, woza kimi njengamadoda ahloniphekileyo. Niyabo? Kunjalo. Akukho lapho!

⁶⁰ Lamahlelo ayizinto ezinobuthi esake saba nazo ebuProtestaneni, ezama ukwenza amadoda abuse ibandla, omunye umfanekiso ofana nalowo obekwe kuleso sihlalo sobukhosi. Umbhishobhi oyihloko, umbonisi omkhulu wePentekoste, “Awu, manje, ake ngibone, iyini imfundiso yakhe na? O, ubhaphathiza eGameni likaJesu na? Angeke angene kulokhu. Qhabo, mnumzane, bazalwane. NiyaLenqaba.” Futhi lokho kwenqatshiwe futhi. “Ngizonenza niqonde, ningalokothi nayimuphi wenu niye kulowo mhlangothi laphaya. Izithupha phansi. Akunandaba ukuthi nigula kangakanani, dedani, akunandaba ukuthi uNkulunkulu wenzani. Uma ningabuki ngezibuko zethu, ngani, aniboni nhlobo.” Wathwala umfanekiso kuso isilo! Futhi umfanekiso unokuphila ukuba ukhulume. Kunjalo impela. Awucabangi ukuthi angakhuluma, ake uphambane naye kancanyana kanye. E-hhe, ngokuqinisekile ungangena enkingeni.

⁶¹ Ngiyakhumbula, eTulsa, e-Oklahoma, ngang... O, ngangingena enxushuxhushwibi esabekayo lapho, lawomahlelo aqala ukushwibeka ezungeza lapho. Futhi ngangihlezi kulesisakhiwo ngelinye ilanga futhi ngibone u—umbono. Ngibone eli—elincane... elihle, ikatshanyana elidadlana, futhi lalilele emqamelweni ongusilika, futhi lalingumfo omncane obukekayo kunawo onke. Futhi ngahamba ngakhuphukela lapho (futhi ngiyalesaba ikati), futhi ngakhuphuka futhi ngaqala ukulihhala, futhi lalithi, “grr, grr.” Niyazi ukuthi awenza kanjani lowomsindo oxakile, niyazi. Futhi ngangilihhala, ngathi, “Elihle, ikati elincane.” Futhi lathi, “grr,” lilihle nje, uyazi.

⁶² Futhi ngabuka phezulu emva komqamelo walo, kwathiwa, “Umtwana wekati wePentecostal.” Awu, ngacabanga, “Manje, akumangazi lokho.” Futhi ngathi, “Lokhu kufanele kube ngumbono.”

⁶³ Futhi Into ethize yathi, “Inqobo nje uma uhhala uboya balo ngalendlela, kulungile; kodwa manje uma ufuna ukubona

ukuthi lenziwe ngani, hhala uboya balo buye emuva.” Niyabo? Ngakho lapho ngihhale uboya balo baya emuva, lawo mehlo aqhunsuka, aluhlaza satshani, futhi laba yisilwane esikhulu esesabekayo simi lapho singikhafulela ngamathe kanzima ngokungaba njalo. Niyabo, ake uhhale uboya balo ububuyisele emuva kancanyana. Mtsele umbhaphathizo wakhe ku “Yise, iNdodana, nakuMoya oNgcwele” ungokadeveli nowebandla eliKatolika, bhekisisani ukuthi kwenzekani kuye. Uyabona? Uboya bakhe buya phakama.

⁶⁴ Ngiyehla, ngathi kuMfowethu Gene nabo, phansi e...o, uMfowethu Leo nabo, ngathi, “Ngiqinisekile ngibe nombono ngempela wamahlelo ePentecostal kulokhu.”

⁶⁵ Manje isahluko 3, ake siqale...iSardesi yibandla elifile. Lifile ngoba babulawa ngalesisikhathi. Ukweluleka okuncane nje kweMpilo, sizothola emizuzwini embalwa ukuthi kwakuyini, kokuncanyana nje. Kusukela ngo 1520 kuya ku 1750 kwakuyilo Nyaka waseSardesi. Nenkanyezi, noma ingelosi ye...Inkanyezi eyayisesandleni saKhe, okwakuyingelosi noma isithunywa salowonyaka webandla. Ngabe lokho kuqondakale kahle na? Ukuthi inkanyezi yayiyingelosi, futhi ingelosi yisithunywa kulowo nyaka. Kulungile. Kulungile.

⁶⁶ Manje sesiqedile ngoMkhandlu waseNayisiya. Wafa emuva lapho, futhi bonke bangena emandleni nasenkazimulweni, ibandla nombuso kuhlangene. Futhi ukhona yini ongakhumbula ukuthi isifundo sitheni izolo ebusuku, bacabangeni abaningi balabo bantu na? “Iminyaka eyiNkulungwane yayisaqhubeka.” Futhi konke u... “Ukungenisa iminyaka eyiNkulungwane ngaphandle kokufika kukaKristu.” Niyabo? Ukufika kukaKristu kuletha iminyaka eyiNkulungwane, into yokuqala. Futhi ngalezo zinsuku babene...Uma uthatha umlando, uthola ukuthi babenoJesu bamanga abavukayo nakho konke okunye, niyabo. Futhi baze ngisho bacabanga ukuthi uphapha wayenguJesu, bembiza ngombambeli, “esikhundleni seNdodana kaNkulunkulu.” Yebo, unkulunkulu omkhulu ongcwele, ofanayo, ehlezi lapho.

⁶⁷ Ake nginitshale okuthile. IBhayibheli lithi lapho uJesu efika...ngaphambi kokuba Afike, “Kuyakuvuka abaprofethi bamanga, futhi kuyakuvuka oJesu bamanga.” Kunjalo. “Bheka, lapha...” Kodwa ake ngiqathaze lokhu enhliziyweni yenu: akusoze kube khona uJesu obeka unyawo kulomhlaba kuze kube iBandla selihlwithiwe futhi lahamba. Manje, kukhumbuleni nje lokho, ngoba kuyovuka okristu bamanga. Kodwa uJesu angeke abe lapha emhlabeni; ngoba icilongo liyakhala, futhi Akafiki nhlobo, sihlangu naYe emoyeni. IBandla selivele lihambile. Bese kuthi-ke lapho uJesu ebonakala, kuyoba ngukubuyela emuva. AbeZizwe uMhlangabeza emoyeni. Ngabe lowo nguMbhalo na? Niyabo? BayoMhlangabeza emoyeni, bese kuthi-

ke siyakhuphuka. Futhi uJesu u... akalokothi abeke izinyawo zaKhe phezu komhlaba kuze kuthi iBandla selihlwathiwe futhi layiswa eKhaya neSidlo sakusihlwa soMshado sesiphelile eZulwini; khona-ke Ubuyela emuva emva kwensali yabaJuda.

⁶⁸ Ngakho manje kwase kuphelile, uMkhandlu waseNayisiya, ibandla lalikade—lalikade lingaphansi kokubusa kobuphapha cishe impela iminyaka eyinkulungwane. Babebulale bonke ababengavumelananga nabo. Kunjalo. Kuphakathi kokuthi ungene ngaphansi kwalokho noma wawu—wawu—wawubulewe, njengoba uJezebeli enza ku-Israyeli.

⁶⁹ UMoya oNgcwele wawushiye konke kodwa okumbalwa nje kakhulu ngalonyaka, njengo-Eliya nensali ka-Israyeli eyayingakhothamanga kuBalamu. Uma nithanda ukufunda lokho ezansi lapho, lawo amaKhosi okuQala, isahluko 19, nevesi 18, ngenkathi u-Eliya wayemi emuva laphaya emgedeni futhi wathi, “Nkosi, ba—babulele bonke abaprofethi bakho. Benze konke, futhi mina—ngingedwa. Futhi yimi ngedwa ophunyukileyo.” Kodwa uNkulunkulu wamtshelela ukuthi Wayenamakhulu ambalwa nokho ayengakhothamanga kuBali, kubantu abangafundele lutho lapho.

⁷⁰ Futhi ngakho, iSardesi, manje sesiyaqala. Lona kanye igama elithi *Sardesi*, ivesi 1. Igama elithi *Sardesi*, ngamagama esiNgisi, lichaza ukuthi, uma nifuna ukulibheka, lichaza ukuthi “ophunyukileyo.” *ISardesi* yangempela kwaku “ngophunyukileyo.” Yilokho okuchazwa yi*Sardesi*, kulungile, “ophunyukileyo.” Manje, niyabo, futhi “ophunyukileyo.”

⁷¹ Manje sizoqala ngelo 1. Kakhulu... Sizokubiza ngokuthi *unyaka weNguquko* futhi kuyinto efanelekile kakhulu kulenguquko uma besingakubiza ngalokho, ngoba yi... Inguquko yayingo “phunyukileyo” ozayo le futhi waphunyuka kukho.

⁷² Manje asithathe ivesi 1:

...kuyo ingelosi yebandla laseSardesi loba ukuthi; Nakhu akushoyo ono...Moya abayisikhombisa bakaNkulunkulu, nezinkanyezi eziyisikhombisa; uthi ngiyayazi umsebenzi yakho, ukuba unegama lokuthi uyaphila, kanti ufile.

⁷³ Manje ukubingelela. Manje, oMoya abayisikhombisa bayi... “OMoya abayisikhombisa nezinkanyezi eziyisikhombisa.” OMoya kwakuyizingelosi ezaya ezinkanyezini ezaziyizithunywa. “OMoya abayisikhombisa,” izikhathi eziyisikhombisa ezehlukene uMoya oNgcwele wawuyogcoba isithunywa, okwakuyinkanyezi ngosuku lwakhe. U—uMoya uPhakade, futhi inkanyezi eyenzelwa inhloso ukubonakalisa ukuKhanya ebumnyameni baleminyaka yebandla lapho izibani nezinkanyezi zimele. Ingelosi, uMoya, yiwo owaya enkanyezini futhi wabonakalisa ukuKhanya kukaMoya oNgcwele

ngalenkanyezi kulowonyaka webandla. Ukuthi, ungahle wazi... angazi ukuthi bangobani oMoya abayisikhombisa. Yizithunywa eziyisikhombisa zeminyaka eyisikhombisa yebandla. Niyabo? Manje, futhi isikhathi ngasinye lapho inkanyezi ingene enkundleni, uMoya oNgcwele wehla futhi wagcoba leyonkanyezi futhi wayigcina ngokufana ncamashi nje njengoba eyokuqala yayinjalo.

⁷⁴ Manje ake—ake ngiqinisekise lokho kini. UPawulu wathi, uma ufuna ukwazi ukuthi hlobo luni lwenkanyezi okwakuyiyo. Ngoba, khumbulani, uSathane uyinkanyezi, futhi, inkanyezi yokusa. Manje qaphelani, uPawulu wathi... Niyakholwa ukuthi wayeyinkanyezi ebandleni lase-Efesu na? Wathi, manje, uma nifuna ukwazi ukuthi Kuyiqiniso noma qha. KwabaseGalathiya 1:8, uPawulu wathi, ekhuluma khona, ukuthi emva kwesikhathi kuyofika, futhi izimpisi ezihahayo nokunye nokunye, wathi, “Uma ingelosi yehla ivela ezulwini futhi ifundise elinye ivangeli...” (Manje, wayazi ukuthi lomuntu wayezozo owayebukeka njengengelosi futhi *umbambeli* omkhulu.) Wathi, “Akunandaba ukuthi ngubani, uma noma iyiphi ingelosi noma ngubani eke wafika futhi ufundisa enye into kunaleliVangeli esanifundisa lona, makabe ngoqalekisiweyo.” Ngabe kunjalo na?

⁷⁵ UPawulu nguye owabaphoqelesa ukuba baphinde babhaphathizwe uma babengazange babhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, “Woza futhi uphinde ubhaphathizwe ukuze wemukele uMoya oNgcwele,” IZenzo 19:5. Nguye futhi owabeka izandla phezu kwabantu, neziphiwo, futhi wahlela ibandla ngokusebenza kwezimangaliso, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, iziphiwo zezilimi, ukuhunyushwa kwezilimi. Ngabe kunjalo na? KwabaseKorinte bokuQala 12, niyabona ukuthi uPawulu wathini. KwabaseKorinte bokuQala 12, futhi nizokuthola. Wahlela ebandleni... UNkulunkulu wamisa ebandleni lezi ziphiwo ezinkulu; futhi uPawulu wazihlela, futhi wazibeka ngokohlelo ukuze zizosebenzela inkazimulo kaNkulunkulu. UPawulu washo lokho. Khona-ke uma noma yimuphi umuntu, kungakhathaleki ukuthi hlelo lini asonta kulo, elizama ukukutshela ukuthi izinsuku zokukhuluma ngezilimi, ukuhunyushwa kwezilimi, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, nezimangaliso, nobufakazi bukaMoya oNgcwele njengombhaphathizo... makabe ngoqalekisiweyo. Ngokuba uMoya ofanayo owawuphezu kukaPawulu kuyoba nguMoya ofanayo owathunyelwa onyakeni webandla olandelayo, ofanayo onyakeni webandla olandelayo, nofanayo kuqhubeke kwehlele ekupheleni konyaka webandla. UMoya ofanayo, uMoya oNgcwele. Niyakukholwa lokho na?

⁷⁶ Uma niqaphela lokhu, lokhu kubhalwe lapha. Umbhali wayazi. Bukani, o “Moya abayisikhombisa.” Bhekisisani: usonhlamvukazi “M,” uMoya oNgcwele, omunye wabo

kuphela. E-hhe. UMoya oNgcwele ofanayo ufika kasikhombisa kuyo yonke iminyaka yebandla eyisikhombisa ephethe ukuKhanya okufanayo. Niyakuthola manje na? Iminyaka yebandla eyisikhombisa, okuphindwe kasikhombisa kwaloMoya oNgcwele bekuyothwala loMlayezo ofanayo! Owawuphinyiselwa ngokuthi isiqalekiso kunoma ngubani owayeyo Wuguqula.

⁷⁷ Manje niyabo uma lokho kufakazelana nesambulo sayo yonke into. Wathi, “Oyosuka noma enezele, okufanayo kuyosuswa (ingxenye yakhe) eNcwadini yokuPhila.” Lokho yinto yonke emboziwe khona-ke. Ngakho akukho ndawo yakho ukuba ugxume noma umpintshe noma iyiphi enye indawo, niyabo, ngoba Yilokho-ke. Yilokho uNkulunkulu akusho, yilokho uMoya owakusho, futhi yilokho amaBandla akusho. Manje, uma uzama ukuphoqelesa kunoma yiluphi olunye uhlobo lwemfundiso kunalokho uPawulu akufundisa, kuyiphutha! IBhayibheli liqinisele. Ukuphila kwakhe. . . UJesu wathi, “Ngiyakususa ingxenye yakhe eNcwadini yokuPhila.”

⁷⁸ Manje, wena uthi, “Yiphi yona ingxenye yeNcwadi yokuPhila na?”

⁷⁹ Kunabantu abaningi onamagama abo eNcwadini yokuPhila ozohluleka impela. Niyakwazi lokho, anikwazi na? Khumbulani lokho kufundisa ngobunye ubusuku na? Ngabe nikutholile na? Kungahle kwedlulwe kulokho; akuzwakali kukuhle okwamanje nje; akuzwakali kahle, niyabo.

⁸⁰ UJuda Iskariyothi wayeyindodana kaSathane, wayengudeveli ebonakaliswe enyameni. IBhayibheli lathi wayeyiyo. IBhayibheli lathi, “Wazalwa eyindodana yokulahlwa.”

⁸¹ Bhekisisani lokhu umzuzu nje. Manje, *kulokhu* kwakunguJesu; *lapha* kwakuyisela ngakwesokunene saKhe; *lapha* kwakungoyedwa ngakwesokhohlo saKhe. Manje, *lapho* . . . uJesu wayeyiNdodana kaNkulunkulu. Ngabe kunjalo na? Manje, abanye abantu babona kuphela iziphambano ezintathu, kodwa kwakukhona ezine. Iziphambano ezine! Manje, siyini isiphambano na? Isihlahla. Ngabe kunjalo na? IBhayibheli lathi, “Uqalekisiwe olenga emthini.” Futhi Wenziwa isiqalekiso ngenxa yethu, Walengiswa emthini. Wawugawuliwe, kodwa kwakungumuthi. Ngabe kunjalo na? Kulungile. Phansi *lapha*, ekugcineni kwegquma, kumi omunye. UJudasi wazilengisa emthini womthombe. Ngabe kunjalo na?

⁸² Bukani! *Nansi* iNdodana kaNkulunkulu; eyavela eZulwini, ibuyela eZulwini, iZithathela isoni esiphendukile. *Nansi* indodana yokulahlwa; ivela esihogweni, ibuyela esihogweni, izithathela (“Uma Uyiyo!”) isoni esingaphendukanga. Niyabo, isoni esingaphendukanga, “Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, zisindise Wena nathi futhi.”

⁸³ *Lona* omunye wathi, “Sine...” (eshumayela, lowo mshumayeli weVangeli) “Sikufanele lokho esikutholayo, kepha lendoda ayenzanga lutho. Nkosi, ungikhumbule lapho Usufika eMbuseni waKho.” Kwakungubani loyo na?

⁸⁴ Kwaku...?...kancanyana izolo ebusuku noma ebusuku bakuthangi. *Lona* ngu-Abela kaNkulunkulu; *lapha* nguKayini kadeveli. Njengoba uKayini abulala u-Abela e-altare, uJuda wabulala uJesu e-altare. Kunjalo. Intuthu yashunqa emuva le *lapho* e-Edene futhi yehlela phansi khona *lapha* futhi. Kunjalo impela.

⁸⁵ O, Kuyakhazimula, lowo mgwaqo omdala, umgwaqo omdala obusisiwe, ugcwele nje inkazimulo.

⁸⁶ Manje, manje siyathola lapha (Uxolo.) ukuthi leli bandla laseSardesi, kuyo ingelosi, Wathi, “OMoya abayisikhombisa; Lowo onoMoya abayisikhombisa.”

...kuyo ingelosi yebandla laseSardesi loba ukuthi; Nakhu akushoyo onoMoya abayisikhombisa bakaNkulunkulu,...

⁸⁷ Futhi manje bangaki abaziyo ukuthi uNkulunkulu unguMoya owodwa na? Impela. UNkulunkulu, uMoya oNgcwele. UNkulunkulu, uYise, uMoya oNgcwele, bonke uMuntu ofanayo, ngoba uMariya wakhuleliswa nguMoya oNgcwele. Manje, i...kodwa uNkulunkulu wasebenzisa loMoya oNgcwele ekuKhanyeni okuyisikhombisa okwehlukene kwevangeli eBandleni, iminyaka yebandla eyisikhombisa. Niyakuthola na? Iminyaka yebandla eyisikhombisa.

⁸⁸ Manje, wena uthi, “UNkulunkulu akakwenzi lokho.” O, yebo, mfowethu.

⁸⁹ Bukani! Wasebenzisa uMoya ka-Eliya, futhi lapho u-Elisha wayehambile...u-Eliya wahamba, u-Elisha wamukela okuphindwe kabili kwaKho. Futhi lapho u-Elisha ethole ukugula futhi wafa, khona-ke Kuyabuya futhi kuJohane umBhaphathizi. Into efanayo, yamenza waziphatha nje njengoba u-Eliya enza, ehlala ehlane kanjalo kanjalo. Ngabe kunjalo na? Futhi wabikezela ukubuya futhi ezinsukwini zokugcina, niyabo. UNkulunkulu usebenzisa uMoya kuqhubeke kwehle ngqo.

⁹⁰ Futhi uJesu wagcotshwa ngoMoya oNgcwele, wayehamba enza okuhle. Ngabe kunjalo na? Futhi uMoya oNgcwele ofanayo wawuphezu kukaJesu, wabuyela emuva ngqo eBandleni ngoSuku lwePhentekoste, uyabuya ngqo onyakeni olandelayo, unyaka olandelayo, unyaka olandelayo. Futhi Kuyini na? Ofanayo futhi yena uqobo uMoya oNgcwele. O, aniboni na? UNkulunkulu ngaphezu kwethu, kuYise; uNkulunkulu enathi, eNdodaneni; uNkulunkulu kithi, kuMoya oNgcwele. Yizikhundla ezintathu, futhi hhayi onkulunkulu abathathu.

Niyabo? Futhi lezo zikhundla ezintathu (uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele) singeseGama elilodwa: UJesu Kristu. Kulungile.

⁹¹ Manje, bhekisisani manje njengoba siqhubeka. “OMoya abayisikhombisa,” kusho Ophethe... Ngamanye amagama, “ephethe izithunywa zaKhe.” Izithunywa ezizogcotshwa ngoMoya oNgcwele, ngaloMoya oNgcwele ofanayo lowo uPawulu (esokuqala) agcotshwa ngawo, esesibili, esesithathu, esesine, esesihlanu, esesithupha, nesesikhombisa, zonke zisesandleni saKhe sokunene. O, bethola amandla abo nokuKhanya kwabo esandleni saKhe sokunene.

⁹² Manje, Wenjukela Phezulu. Futhi uFiliphu wathi, ngenkathi efa... Noma uStefanu wathi, “Ngibona amazulu evulekile, futhi i... noJesu ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu.” Lokho akusho ukuthi uNkulunkulu unesandla esikhulu kakhulu sokunene futhi Yena ehlezi kuso, kodwa *isandla sokunene* sisho isandla sokunene sa “mandla negunya.”

⁹³ Lowo mzimba uNkulunkulu awudalayo... “Angiyikuvuma ONgcwele waMi abone ukubola, angiyikushiya umphefumulo waKhe esihogweni, kepha ngiyakuMvusa futhi ngiMhlalise esikhundleni sikaMoya e-altare.” Bhekisisani! Lapho beMbona—Yena ehlezi e-altare, futhi wayeneNcwadi esandleni saKhe, futhi akukho muntu emhlabeni noma ngaphansi komhlaba, noma kuphi, owayekwazi noma efanelekile ukuba ngisho abuke eNcwadini; kepha iWundlu njengoba Lalihlatshiwe kusukela ekusekelweni komhlaba, emuva le ekuqaleni ngenkathi umcabango wokuqala walo mzimba ohlengiweyo, ufika futhi wawukhipha esandleni sokunene saloWo ohlezi esihlalweni soBukhosi, futhi wahlala phansi, Yena uqobo. Amen. Nakho lapho okhona. Lowo ngumBhalo. Kuhle nje, niyabo.

⁹⁴ Manje, “Onqobayo uyohlala naMi esihlalweni saMi soBukhosi, njengoba Ngingobile futhi ngahlala phansi esihlalweni soBukhosi sikaBaba waMi.” Ngamanye amazwi, “Ngithathile emzimbeni waMi uMoya oNgcwele. Ngingobe zonke izinto zomhlaba (ngesilingo) ngoMoya oNgcwele, futhi ngengamela!” (“Futhi kuYe kuhlala ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba.”) “Onke amandla eZulwini nasemhlabeni anikelwe ezandleni zaMi,” Washo. Onke amandla! Khona-ke uNkulunkulu akanamandla uma Engomunye umuntu. Ngokuba iBhayibheli lathi, uJesu wathi, emva kokuvuka kwaKhe, ukuthi “Onke amandla eZulwini nasemhlabeni, kokubili, kwakunikelwe esandleni saMi.”

⁹⁵ Futhi uJesu uvela eZulwini nezinkulungwane eziyishumi eziphindwe kazinkulungwane eziyishumi zabaNgcwele baKhe, futhi iBhayibheli lithi “amaZulu lalingenalutho isikhathi esiysisigamu sehora.” Uphi lomfo omkhulu, uNkulunkulu,

khona-ke na? E-hhe. Niyabo? UkuKristu. Impela! Futhi njengoba sinqoba ngoMoya oNgcwele njengoba akwenza, siyohlala naYe lapho ethatha isihlalo sobukhosi sasemhlabeni sikaDavide, ukuhlala nokubusa kanye naYe njengoba Enza phezulu Lapho, (Amen!) ngamandla negunya kuwo wonke umhlaba. “Futhi ba...umhlaba uyabubula, ulindele ukubonakaliswa kwamadodana kaNkulunkulu ukuba abonakaliswe, indodana kaNkulunkulu.”

⁹⁶ Ngoba, emva kwakho konke, lomhlaba awunikezwanga uNkulunkulu ukuba awulawule. Asiqaphele lokho kunjalo. Ngubani unkulunkulu womhlaba na? Umuntu! Leyo yindawo yakhe ayibusayo. Konke, yonke into emhlabeni ingaphansi komuntu. Ngesono wawa; ngamandla kaKristu okuhlenga uyabuya futhi. Kunjalo, ngoba umhlaba ungowomuntu, wanikwa yena futhi wayengumbusi phezu kwakho konke. Futhi yonke imvelo iyabubula, ilindele lesosikhathi ukuthi uma amadodana kaNkulunkulu eyophinda abonakaliswe. O, mina; o, he! Ukubonakaliswa kwamadodana kaNkulunkulu. Manje, kungcono sikushiye lokho khona manje.

⁹⁷ Kodwa, izithunywa zikwesokunene saKhe, zilindile. Nomaphi lapho Azithumela khona, ziyokhuluma into efanayo. Ngenxa yoMoya oNgcwele owawukuKristu... O! UMoya owawukuKristu! Ngenkathi Ehamba, Wathi, “Kuseyisikhashana nezwe...” (*kosmos*, igama lesiGrekhi elichaza ‘isimo sezwe’; hhayi umhlaba, izwe, isimo sezwe) “...ningabe nisaNgibona...” (amahlelo, noma yini enye) “...ningabe nisaNgibona. Nokho niyoNgibona nina...” (iBandla, okholwayo) “...ngokuba Ngi...” (“Ngi,” yisabizwana somuntu silungile) “...Ngiyakuba nani, ngisho kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.” “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Niyabo?

⁹⁸ Khona-ke uma lowo kwakunguMoya oNgcwele kaKristu owehla ngoSuku lwePhentekoste owenza lezozinto, nguMoya oNgcwele kaKristu okade ufuqwa ukhishwa *lapha*, uMoya oNgcwele kaKristu usalokhu ubambile phakathi *lapha*, uMoya oNgcwele kaKristu usalokhu ubambile *lapha*, kwehle njalo *lapha* kuze kube sekupheleni kwezwe. UMoya oNgcwele ofanayo owagcwalisa uPawulu ngoMoya oNgcwele nezinto ayezenzile, uyogcwalisa *lona* oyedwa (u-Irenaeus) ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ugqwalisa uMartin ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ugqwalisa bonke bagcwale ngoMoya oNgcwele, futhi Ugqwalise wena nami sigcwele uMoya oNgcwele, futhi yisiBusiso sePhentekoste kusukela onyakeni webandla owodwa kuya komunye; u-Alfa no-Omega, ukuPhela nokuQala, nakho Konke, iMpande neNzalo kaDavide, iNkanyezi yoKusa, iNtebe yaseSharoni, uMnduze wesiGodi, yikuphi okunye, uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, Lowo Owayekhona, Okhona, futhi

UzaKuza, u-Alfa, u-Omega, Konke, Konke kukho Konke! O, he! Lokho bekungangenza ngicule iculo:

O, nithi Ngingubani, (kwasho uJesu) nithe Ngavelaphi,

Niyamazi uBaba waMi, kumbe ningalisho iGama laKhe na?

Wathi: Ngingu-Alfa no-Omega, owokuqala kusukela ekupheleni.

NGIYIndalo yonke, noJesu yiGama.

NGINGUYE owakhuluma noMose esihlahleni esivuthayo somlilo,

NGINGUNkulunkulu ka-Abrahama, iNkanyezi yoKusa eKhazimulayo. (Kunjalo.)

NGIYINtebe yaseSharoni, nithe Ngavelaphi na?

NGIYIndalo yonke, kepha uJesu yiGama.

⁹⁹ Wonke umndeni emaZulwini nasemhlabeni uboshelwe kulelo elilodwa (umhlaba wonke, obusisiwe, ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ogxumele phansi, wethiwe ngoMoya oNgcwele, ukhulunywe nguMoya oNgcwele, uzalwa nguMoya oNgcwele) iGama. Kunjalo. UNkulunkulu uLinikezele kuwo wonke umndeni eZulwini nasemhlabeni. Futhi yonke into kuwo, onke amadolo, ayakukhothama kulelo Gama. “Futhi alikho elinye iGama elinikeziwe phansi kweZulu lapho abantu bamelwe basindiswe.” Hhayi *mhlawumpe, kufanele kube*, kodwa *bamele* basindiswe. O, NgiyaLithanda. Lihle nje. Kulungile.

¹⁰⁰ “Ngakwesokunene saKhe.” Manje niyathola na? YiBandla lasepetenkoste; amandla, izibonakaliso, izimangaliso zenziwa yonke indlela. Manje siya... Sehlele ezansi sedlula eziKhathini zobuMnyama lapho Lacishe lonke laphuma. Manje asithathe lelivesi 2. O, ngikholwa ukuthi nje sizoqhubeka nje ka—kancanyana naleli 1 okwamanje:

...Ngiyayazi imisebenzi yakho, ukuba unegama lokuthi uyaphila, kanti ufile.

¹⁰¹ Phenya ngale ebandleni elilandelayo lapha, uthola ukuthi, “Kepha kawuliphikanga igama lami.” Ibandla elilandelayo, “Kawuliphikanga igama lami.” Kodwa *kuleli* bandla, “Unegama.” Bhekisisani lapha! *Lelibandla* laligcina iGama laKhe; *lelibandla* laligcina iGama laKhe; *lelibandla* laligcina iGama laKhe; futhi *lelibandla* ledlulela eziKhathini zobuMnyama futhi akukho lutho olwashiwo ngalo; lapho bephumela ekuPhileni ngakulolu hlangothi, elokuqala elincane elaphunyuka, ngenkathi uLuther ewakhiphele ngaphandle, “Une igama lokuthi uyaphila, kodwa ufile.” Manje, yiliphi igama abalisebenzisa emva kokuba sebeyekile ukusebenzisa iGama likaJesu na? Uyise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Futhi ayikho into enjalo. Ngefile—yisayensi yezenkolo efile.

¹⁰² Ngitsheleni, uBaba yigama na? Bangaki obaba phakathi lapha na? Phakamisa isandla senu. Yimuphi kini owethiwe ngokuthi uBaba na? AmaDodana na? Futhi abantu, lokho—yilokho okuyikho. Akusilo... Igama laKho akusiwo uMoya oNgcwele, yilokho eLiyikho; *Lingukuthi* uMoya oNgcwele. Igama... UMoya oNgcwele akusilo igama, uMoya oNgcwele uyisiqu; uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.

¹⁰³ Ngakho niyabona lapho, kunjengokungenamkhawuko njengobudodana obuPhakade. Ayikho into enjengobudodana obuPhakade. Indodana izalwa ivela; iPhakade alikaze nhlobo.

¹⁰⁴ Ayikho into enjalo, njengoba ngasho ngobunye ubusuku, njengesihogo saPhakade. Uze usithole kanjani isihogo saPhakade na? Bekulokhu kukhona isihogo, khona-ke. IBhayibheli lathi, “Sadalelwa udeveli nezingelosi zakhe.” Bekuyohlale kukhona isihogo; uma siyoke sibe khona, bekuyofanele kube nesisodwa ekuqaleni. Futhi ini... Ngubani owasisebenzisa emuva lapho ngenkathi—ngenkathi Wayengu *El, u-Elah, u-Elohim*, “Okhona ngesingaye,” lapho kungekho lutho olunye na? Khona-ke isihogo sasiyofanele sibe khona lapho naYe. Niyabo? “Isihogo sadalelwa udeveli nezingelosi zakhe. Futhi bonke ababi bayophonswa kuso.” Kunjalo impela. Bayojeziswa mhlawumbe izigidi eziyikhulu zeminyaka ngalokho abakwenzile. Kodwa kuyofika isikhathi ukuthi bayoba nokufa kwesibili. Akukho lutho olwabo oluyosala. Yonke into eyaba nesiqalo inesiphelo. Ngakho uma semukela ukuPhila okuPhakade, semukela ingxenye yalokho kukhanya komhlaba nezulu okwakusemuva ngaleya ngaphambi kokuba kuke kubekhona isithaki imolekhuli. E-ehhe. Lokho kuKhanya kukaNkulunkulu kungena ezinhliziyweni zethu okusikhanyisayo ukuze sibone uJesu. IBhayibheli lathi, “Asiziboni izinto zonke, kepha sibona uJesu.”

¹⁰⁵ Manje, Wathi, “Ngiyazi ukuthi ngubani... NginguYe onawoMoya abayisikhombisa obathumela emabandleni ayisikhombisa. Ngiyayazi yonke imisebenzi yakho nakho konke ngayo, kepha unegama lokuthi uyaphila kanti ufile.” Manje, niyakhumbula; wawungokabani lonyaka na? UMartin Luther, unyaka wamaLuthela. Manje, balahlwa ekuqaleni. Abadingekanga ngisho nokuthi baqale, babefile kusukela ekuqaleni. Babengadingekile ukuba bafe, babefile okokuqala. Niyabo, bavele “bahlwitha.”

¹⁰⁶ Manje qaphela lokhu. Manje asifunde ivesi elilandelayo:

Bhekisisani! *Vuka ulinde, futhi uqinise* okusele, *obekuzakufa: ngokuba angifumananga imisebenzi yakho iphelele phambi kukaNkulunkulu.*

¹⁰⁷ Manje, ukhuluma noLuther manje. Sonke siyavuma ukuthi lona—lona kwakungunyaka wamaLuthela, leyo kwakuyingunquko. Manje Wathini na? “Ukhiphe igama lamanga

lokuthi ‘uyaphila,’ kanti ufile.” Benzani na? Bakubuyisela emuva ngqo ehlelweni futhi. Khona-ke, “ibhodwe ngeke labiza iketela ngokuthi ‘limnyama,’” ungakhulukhulumi uthi, “iKatolika!” Niyabo, ngoba ubuyela ngqo kukho, usebenzisa izivumokholo zakhe ezifanayo namagama. Futhi, awu, uLuther wakhhipha okuningi kwamakhathekizimu nayo yonke enye into ibandla eliKatolika elalinayo, futhi bazithathela igama. Niyabo, “Unegama lokuthi ‘uyaphila,’ avela kulokhu okufile iminyaka eyinkulungwane lapha, usalokhu ubambe lelogama.” “Une igama,” khumbula na?

¹⁰⁸ Ukuqiniseka ukuthi kunjalo, amanye amabandla, athi, “Uligcinile iGama laMi.” “Uligcinile iGama laMi.” Kulo nyaka ba “Lilahlile.” Futhi baphuma *lapha* futhi bathi, “Unelinye igama lokuthi ‘uyaphila,’ kanti ufile.”

¹⁰⁹ O, nina maMethodisti, maBaptisti, iPresbyterian, maLuthela, nePentecost, phendukani futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu. Niyabo? Phumani kulezo zivumokholo ezindala ezifile nezinto ezingezibandla eliKatolika ezizoqothulwa nawo onke amadodakazi akhe nalo.

¹¹⁰ Akekho ongasho ukuthi “uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele,” lolohlobo lwabo... Futhi leyonto, futhi bakubiza ngo “buThathu obuNgcwele.” Uziq-zintathu na? Ngifuna umuntu ukuba athole ngisho igama *uziqu-zintathu* eBhayibhelini, futhi eze angitshela ngakho, thola nje igama *uziqu-zintathu*. Alikho ngisho phakathi lapho. Ayikho into enjalo.

¹¹¹ Manje, manje:

...futhi *obezakufa*:...

¹¹² “Bambelela kulokho onakho, uLuther wakuhlwitha wakukhipha. Bambelela kulokho, ngoba kulungele ukufa. Uzo...Bazokuhlanza ubuyeke ngqo kukho futhi. Bambelela kulokho, kulungele ukufa.”

¹¹³ Manje:

...futhi *angikufumananga* uphelele okwamanje *phambi kukaNkulunkulu*.

¹¹⁴ Akukuhle lokho na? O, he! Ngiyakuthanda lokho. “Akuphelele.” Ngani na? Babelungisisiwe nje, uLuther washumayela ukulungisiswa; ufanele ungcweliswe bese-ke ugcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Futhi khona-ke babengesibo ababo, babephelelisiwe nguMoya oNgcwele kubo. Akusuye u—kusuye umKristu ophelele, nguMoya oNgcwele ophelele kuye. Niyabo? Yilokho...Njengoba ngishilo, “Akusiyo intaba engcwele, nguNkulunkulu oNgcwele entabeni. Hhayi ibandla elingcwele, hhayi abantu abangcwele, kodwa nguMoya

oNgcwele eBandleni nakubantu.” Leyo yingxenywe e*Ngcwele*, niyabo.

¹¹⁵ “Futhi angifumananga imisebenzi yakho iphelele. Awufikanga ekuphelelisweni.” Ngoba siyathola manje ukuthi babenokulungisiswa khona *lapha*, ukulungisiswa. Futhi lokhu kwaku... Qhabo, ngiyaxolisa. Ukulungisiswa kukhona *lapha* ngaphansi kukaLuther; futhi ukungcweliswa kul*lapha*; futhi *lapha* nguMoya oNgcwele. Niyabo? Manje, leyomisuka emithathu eyasebenza kuleyominyaka yebandla emithathu, kuthatha lokho ukwenza ukuzalwa okugcwele. Babekhulelwe kuphela njengembewana encane esibeledweni sikamama. Kunjalo, uMoya oNgcwele uza ekuzalweni.

¹¹⁶ Manje ngifuna ukunibuza okuthize. Uma ukuzala ngokwemvelo kwenzeka, yini into yokuqala eyenzekayo na? Amanzi. Into elandelayo? Igazi. Kunjalo na? Into elandelayo? Umoya. Kunjalo.

¹¹⁷ Yini eyaphuma emzimbeni kaJesu ngenkathi Efa na? Bagwaza uhlangothi lwaKhe, futhi amanzi neGazi kwaphuma, “Futhi ezandleni zaKho Ngiyawubeka uMoya waMi.” Amanzi, iGazi, uMoya.

¹¹⁸ “Ngakho-ke lokhu sesilungisisiwe ngokukholwa,” kwabaseRoma 5:1, “sinokuthula kuNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Kristu,” ukulungisiswa. Ukungcweliswa, amaHeberu 13:12 no 13, “uJesu wahlupheka ngaphandle kwamasango ukuze Angcwelise abantu ngeGazi laKhe uQobo.” ULuka 24:49, “Kepha hlalani emzini waseJerusalema nize nimbathiswe amandla avela Phezulu. Emva kwalokhu uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu, *khona-ke* niyakuba ngofakazi bami eJerusalema, eJudiya, eSamariya...”

¹¹⁹ Hhayi lapho uba umbhishobhi, hhayi lapho uba yidikoni, hhayi lapho uba ngumelusi, hhayi lapho uba nguphapha, “Kodwa emva kwalokhu uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu, *khona-ke* niyakufakaza.” Ungafakaza kuphela ngebandla lakho ngesivumokholo sakho, njenge... uma nje uyidikoni, noma uma ungumelusi nje, noma uma nje unguphapha, noma uma nje ungu... Ufakaza ngesivumokholo! Kepha lapho uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu, *khona-ke* niyakufakaza ngaYe! Futhi imisebenzi Ayenza, nani niyayenza futhi, ngoba ukuPhila kwaKhe kukini. O, o! He, he! Ngiyakuthanda lokho. Yebo, mnumzane. O, ngiKuthola kakhulu phezulu... okwaKho phezulu lapha, ngiyakholwa, kunoma nenza phandle lapho. Ngizizwa nje ngikahle ngaKho.

¹²⁰ “Izinto ebezizokufa, bambelele kuzo.” Manje uthi lapha, manje evesini 3:

Ngakho-ke khumbula ukuthi wemukele wezwa kanjani, ... (Ngiyakuthanda lokho.) ... kugcine, uphenduke. Ngokuba uma ungayikulinda, ngiyakuza

ngingene kuwe njengesela, kawusoze walazi ihora ukuthi engi...yakuza ngalo kuwe.

¹²¹ “Bambisisa ekulungisisweni kwakho, namathela kukho.” Ungabavumeli labo bantu bathulise lokho emuva kude nawe. “Lokho futhi okwemukele, wakuzwa.” Bafunda iBhayibheli elifanayo esilifundayo, niyabo. Kodwa nje abathathanga konke okwaLo, ngoba Lalingembuliwe kubo. Kwakungesilo elonyaka wabo. Yingalesosizathu ukuthi bayoza ngaphambili ovukweni. Bahamba kulokho kuKhanya ababehambe kukho, ngakho bayoza ngaphambili.

¹²² Manje, ngibezwile abantu abaningi bePentecostal oshumayela umbhaphathizo, bethi, “Lawo maLuthela, kanjalonjalo, awasoze eza ngaphambili.” O, yebo. Niyayazi indaba encane ngoDkt. Hegre phezulu lapho. Ngenkathi ngimtshela...Wathi, “Siyini na?” Ngathi...Niyazi, bavusa lelokholiyi elikhulu lamaLuthela lapho, eBethany, eMinneapolis. Futhi wathi, “Awu, sinani thina maLuthela na?”

Ngathi, “Awu, ngizokutshela. Ngikholwa ukuthi ninoKristu.”

Futhi wathi, “Awu, sifuna—sifuna uMoya oNgcwele.” Wathi, “Ucabanga ukuthi sinaWo na?”

Ngathi, “Sekungashiwo.” Futhi ngathi, “Niyakholelwa kuWo.”

Wathi, “Awu, usho ukuthini na?”

¹²³ Manje, banezinkulungwane zama-eka lapho ukuthi abafundi babo...uma bengeke—bengeke bakhokhele indlela yabo, babavumela basebenzele indlela yabo ngokutshala ummbila. Ngathi, “Awu...” Kukhona nje—nje amatafula amakhulu. Banginika esinye salezi zidlo ismorgasbord ezansi lapho kulelo kholiyi elikhulu. Futhi manje, bangamadoda akahle; uDkt. Hegre ehlezi *lapha*, noMfowethu Jack Moore *ngapha*; ngoba ngamhlalisa eduze lapho ukuthi uma wayefanele akhulume amanye amagama amakhulu engangingawazi, ngangizongqubuzwa uJack ngomlenze wami futhi ngibone ukuthi wayethini, niyabo. Ngakho-ke, ngathi...

¹²⁴ Wahhlala eduze kwami, futhi wathi, “Awu, esifuna ukukwenza ukuthola into ethile lapha.” Wathi, “Silambeke uNkulunkulu.” Futhi wathi, “Sifunde incwadi ngePentecostal, *IZipho*.” Futhi wathi, “Sihambile...isigejane sethu bazalwane sandizela eCalifornia, sahlanguana nendoda eyabhala incwadi.” (Futhi ngiyayazi.) Wathi, “Sithanda ukubona okunye kweziphiwo kusebenza.’ Yathi, ‘Anginazo,’ yathi, ‘Ngabhala ngazo nje.’” Ngakho wathi...Futhi wathi, “Khona-ke lapho sifika ngapho futhi sibone lokhu, silambile. Sifuna uNkulunkulu.”

¹²⁵ Futhi ngathi, “Awu, ngesinye isikhathi kwakukhona indoda eyaphuma.” Niyazi, ezinkundleni zayo uqobo lapho, niyabo. “Indoda yaphuma futhi yalima insimu enkulu kakhulu. Futhi yakhapha zonke izimpande kuyo, nakho konke, futhi khonake yatshala ummbila. Ukusa ngokunye yaya emnyango futhi yabuka phandle ukubona ukuthi yayisinawo yini ummbila. Into yokuqala niyazi, ngokunye ukusa, amacembe amabili amancane laliphakama.” (Ukhona owake watshala ummbila. . . Upho uGeorge Wright nabo, uRoy Slaughter nabo na? Niyazi, lawo macembe amabili amancane aphakama.) “‘O,’ wathi, ‘Makadunyiswe uNkulunkulu ngensimu yami yommbila.’”

Ngathi, “Ubenayo insimu yommbila na?”

Wathi, “Awu, ngenye indlela.”

¹²⁶ Ngathi, “Sekungashiwo, yebo.” Ngathi, “Lokho kwakuyini maLuthela enguqukweni yokuqala, nibeka phambili lelocembe elincane, niyabo.” “Awu,” ngathi, “masinyane lowommbila wakhula.” Angimtshelanga ngo “kuwa,” niyabo, ngavele ngamyeke nje wahamba nommbila, ukhulile.

¹²⁷ Ngakho ngathi, “Ummbila ukhulile, futhi emva kwesikhashana waba nentshakaza kuwo. Futhi leyo ntshakaza yabuka emuva phansi eqabungeni futhi yathi, ‘Ha-ha-ha-ha-ha, aninalutho, nina maLuthela amadala enigcina umthetho ngamehlo.’ Niyabo? Wathi, ‘Ngiyi, . . . Ngi—Ngingumfuyi, isikhathi esikhulu sobuthunywa benkolo.’ Umoya wawuvunguza, futhi intshakaza encane yaqathaka kanjalo futhi yaqathakela phansi; lowo nguWesley, ukungcweliswa.” Niyabo? Lowo kwakungunyaka omkhulu kunayo yonke wobuthunywa benkolo esake saba nawo, kwakukade kuyibandla likaWesley, phakathi ngesikhathi sikaWesley, sawedlula ngisho lonyaka. Unyaka weBandla likaWesley, kwakungunyaka wobuthunywa benkolo, futhi wahlakazeka. Wenzani, ku—kwaWuhlakaza.

¹²⁸ Niyabo, ngisho imvelo iyafakaza ngalena emithathu, khona lapho. Imvelo qobo lwayo, uNkulunkulu ekuqaleni wakwenza kanjalo ukuze kube ngaleyondlela. Awudingi nokuba ube neBhayibheli, ungabuka emvelweni futhi ubone ukuthi nikuphi. Niyabo?

¹²⁹ Bese kuthi-ke. . . Futhi lapho emva kwesikhashana kwehlela ngapho. Futhi yini ephumayo na? Phezulu kuza isikhwebu sommbila, sasinezinhlamvu kuso; lelo kwakuyiqembu lamaPentecostal. Manje, iqembu lamaPentecostal laliwuhlobo olufanayo lweqembu phansi *lapha*. Kusukela *lapha* wayenamacembe amabili ommbila, uLuther; *lapha* wayenentshakaza, uWesley; futhi phansi *lapha* wayenohlamvu lommbila (Ini na?) ngokufanayo nje njengoba kwakunjalo emuva *lapha*. Into efanayo!

¹³⁰ Awu manje, kwakuyini lapha na? Wena uthi, “Awu, manje,” iPentecostal yathi, “Anginamsebenzi ngani maMethodisti noma

nina maLuthela.” Kodwa, emva kwakho konke, khona kanye ukuphila okwakusemacembeni amabili amancane asiza enza intshakaza. Futhi ukuphila okwakusentshakazeni kwenza ummbila. Ngakho, niyabo, konke kuluhlelo lukaNkulunkulu. BabenoMoya oNgcwele, sekungashiwo; wayenjalo noWesley, ngaphansi kokungcweliswa; kodwa namhlanje kubuyisele emuva ukukhuluma ngezilimi nokubuyisela okwasekuqaleni emuva *lapha*. UMoya oNgcwele ofanayo, niyabo, abeqiniso. Amen. Yebo.

¹³¹ Kulungile, “Bambisisa lokho okuzwile, funa kufe.” Manje ivesi 4, Ngikholwa ukuthi yilo:

Kepha-ke unamagama ayingcosana eSardesi alabo abangangcolisanga izingubo zabo: bayakuhamba nami bembethe okumhlophe, ngokuba bafanele.

¹³² “Manje, ungenzi ihlelo ngaKho, asifuni ukwenza lokho.” Qhabo, ngine...Ngi—Ngifunde ivesi okungesilo, angizange na? Noma angizange na? Ya, ya, kunjalo. Ya. Kulungile. Yebo, “ESardesi, abazingcolisanga izingubo zabo.” Kwakukhona abambalwa babo ababengenakukhothama kuleyonto, futhi bazigcina bemsulwa futhi behlanzekile; umkhondo omdala osuka emuva le ePentekoste, ogcwaliswe ngoMoya. Abanengi babo ngaleyonkathi, lapho unyaka kaLuther uqala ukwenza ihlelo; benzani na? Baqala emuva ngqo njengoba iBhayibheli lathi, “Beziphathisa okukanina.” Babuyela emuva ngqo ezansi, baqala ihlelo. Kodwa abambalwa babo bema ngqo ukuthi abayikukwenza lokho, bamela uNkulunkulu ngqo. Bathi, bathi—bathi, “Awu, kulungile, ninamagama ambalwa, futhi bafanele ukuhamba phambi kwaMi, begqoke okumhlophe. Ungalenzi ihlelo. Ungayithathi imfundiso yamaNikolawu, manje. Ungaqali ihlelo lakho futhi, kodwa vele uhlale ukhululekile kuNkulunkulu. Vumela uMoya oNgcwele ukuhlole njengoba uqhubeke. Kukhona abambalwa babo abasasele.”

¹³³ Manje ivesi 5, ngiyakhola:

Onendlebe, make- . . .

¹³⁴ Ake sibone. Qhabo.

Onqobayo, uyakwembathiswa kanjalo izingubo ezimhlophe; angisoze ngalesula...igama lakhe encwadini yokuphila, negama lakhe ngiyakulivuma phambi kukaBaba, naphambi kwezingelosi.

¹³⁵ Manje, “amagama ambalwa.” Ambalwa kakhulu, insali encane, yashiywa engathathanga i...thatha...yathathwa yimfundiso yeKatolika. Kulungile.

¹³⁶ Manje siza ukukhuluma ngenguquko. Ngingathanda uku... ngishiye imuva likaLuther ukuze ngizolithola phakathi lapha. Manje ivesi elilandelayo lathi:

Onendlebe, makezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni.

¹³⁷ UNkulunkulu, ezama ukubaxwayisa lapha ukuba baphume kulobu buNikolawu, “Suka lapho! Gcina izingubo zakho zingenabala kunoma yiziphi izinto zezwe!” Hlala nje ukhululekile kuYe, futhi Wayeyobahola futhi abaqondise. Manje, lokho kuyisiqalo sokuqala.

¹³⁸ Manje, nge *Nguquko* ngiqonde ukuthi “abaphunyukileyo,” labo abaphunyukileyo ngisho ebandleni laseSardesi. Niyakuqonda engikuchazayo na? Labo abasaphunyukileyo leyonto esabekayo. Manje ku... Manje, sizokucosha futhi kusasa ebusuku futhi sikwehlisele khona lapha e... onyakeni wePentecostal futhi nginikhombise ukuthi kunjalo impela. Manje, kukhona okunye kwalezi zinto, esikhuluma ngazo lapha: a “Baphunyule kanjani na?” Manje, sizokuthatha lokho, ezansi onyakeni olandelayo. Niyabo, sizofanele sikuthathe ukukwenza kuhambisane. Uma ungakwenzi, khona-ke wena—wena—wena—ugeja ukunika a—abantu... ukukubethela phansi kulowo nyaka olandelayo, niyabo. Nizofanele nibavumele ukuba babe nakho njengoba nje iBhayibheli likunikeza lapha, niyabo. Kulungile.

¹³⁹ Manje, abaphunyukileyo yilowo Akhuluma ngaye. Yilaba khona *lapha*, leli qembu elincanyana lapha eliphila ngokulungisiswa. Manje bukani! Bayaphuma, babone ukuKhanya, uLuther wajikela kwesokudla... Emva kokufa kukaLuther, hhayi uLuther; uLuther akazange enze nhlangano; kwakuyilesi sigejane emva kwakhe. UWesley akazange enze nhlangano; kwakuyilelo qembu emva kwakhe. Labo basunguli abadala bePentecostal abazange benze inhlangano; kwakuyiqembu emva kwabo. Yilowo okwenzayo, niyabo, ngumjikelezo wesibili okwenzayo. Ingelosi yangempela yokuKhanya ayisoze yenze inhlangano! Futhi nizothola kulo—kulonyaka wePentecostal okufika ekupheleni kwaleyo nhlangano, futhi; niyabo, lapho uMoya oNgcwele ukwembula kithi.

¹⁴⁰ Manje, Wathi, “Unokuncanyana kokuKhanya okuseleyo, okuncanyana nje, seKulungele ukufa; kuyancipha, ukulungisiswa nje, bangakushwiba noma ngayiphi indlela. Awukabi nakho ukuPhila okwamanje, ngoba uthathe igama elingalungile. Kodwa u—u... okungenani uhlwithiwe. Niyabo, u... u—uphunyukile ebandleni lamaRoma. Uphunyukile kuso sonke leso sivumokholo, futhi okungenani uphumile kude kangako.” Manje, nifunda iBhayibheli elifanayo. Manje, kodwa iBhayibheli elifanayo elifundisa uMoya oNgcwele... Akazange abalahle ngalokho ababenakho. Wathi, “Manje lokho yi... bambelela kulokho ngize Ngifike. Niyabo, yibani nilokhu nje nibambelele.”

¹⁴¹ Manje, unyaka webandla uqala cishe ngo 1520, ngenkathi iRoma, ibandla eliKatolika lomhlaba wonke lalinokujikisa okuphelele. Lokho kwahlala kwaze kwaba ngu-Okthoba zingamashumi amathathu nanye (Uma nonke nikubhala phansi.) Okthoba zingamashumi amathathu nanye, 1570 A.D., ngenkathi uMartin Luther ebethele ngezipikili isifundo sakhe esithile samashumi ayisishiyagalolunye nanhlanu emnyango webandla eWittenberg, eJalimane, futhi kusukela kuleso sikhathi iNguquko yaqala. Niwatholile lawo madeyithi na? Mangiphinde ngiwathole futhi ukuze nizoqiniseka. Ngo-Okthoba singamashumi amathathu nanye, 1570 A.D., ngenkathi uMartin Luther ebethele ngezipikili isifundo sakhe esithile samashumi ayisishiyagalolunye nanhlanu emnyango webandla eWittenberg, W-i-t-t-e-n-b-u-r-g, eWittenberg, eJalimane. Kusukela kuleyo deyithi inguquko yangena, umlilo uqala ukundiza. Wabhikishela lelobandla eliKatolika limi lapho, ukuthi esandleni sakhe kanjalo, wathi, “Lona ngabe uMzimba kaKristu ongwele na? Yisinkwa esiwucwecwana newayini elincane!” Futhi “dinsi!” Wakuphonsa phansi. Kunjalo.

¹⁴² Wabhikishela ibandla eliKatolika, futhi i...lokho kwaqala...uhlwitho oluncane khona-ke luyafika. Kulungile, i...lwalwenzeka. Kodwa lalingokuningi loku—lokulwela amandla ezombusazwe kunokuba lalingeleBandla leqiniso langempela, ngokwemigomo yamaKristu. Balwela kuphela ilungelo lezombusazwe ukuphuma ebandleni futhi kwenziwe elinye ibandla. Abazange baguqule, bephuma ebandleni eliKatolika ukubuyisela uMoya oNgcwele namandla ebandleni, ngoba baWenqaba. Hhe? Kwakungumbuthano wezombusazwe. Yilapho impela elaliyolingana khona, “Unegama lokuthi uyaphila, kanti ufile.” Ngamanye amazwi, wavele nje wakhapha ihlelo lamaProtestani, yilokho kuphela. Wakhapha indodakazi ebandleni. Ngaphandle kwe...Wakhapha isifebe esifebekazini. Yilokho kanye okwenzeka. Wakhapha u-Athaliya kuJezebeli.

¹⁴³ Manje, noma ngubani ofunda iNguquko uyazi ukuthi kunjalo, ngoba wavele nje kalula...Okumbalwa kwezinto ezingcwele ezasalayo ezindala nemiyalo ukuthi...nemigubho, wa—wavele wayidiliza, kodwa mayelana nokubuyisa uMoya oNgcwele ebandleni njengoba kwakunjalo emuva *lapha*, akakwenzanga. Qhabo, mnumzane. Kwakuyimpi yezombusazwe kakhulu kunokuba kwakuyimpi yokomoya. Kwakungumbusazwe esikhundleni sikaMoya oNgcwele. Wayengakangeni nokho eBandleni. O, mfowethu, Wayengakabuyi; Ubuyela emuva *lapha*, hhayi phezulu *lapho*.

¹⁴⁴ Manje, kwakungumbuthano omkhulu wezombusazwe, kodwa kwakungesiwo owemiBhalo eNgcwele no—noMoya oNgcwele. Kwakungumbuthano wezombusazwe owasusa okunye kwezinto ezasalayo ezindala zesiphambano sesifanekiso sikaKristu, no “*Yethi Mariya*,” nakho konke lokho. Kodwa

nokho wakhipha ikhathekizimu. Yena nokho wakhipha lesi... Nikubiza ngokuthi yini na? Izinkonzo zokuzahlukanisela zanoma yini okwakukhona ezansi lapho behla ekuseni ngePhasika nomelusi ubafisela u “Khisimuzi oMuhle,” niyazi. “Ngeke esababona kuze kube isikhathi sikaKhisimuzi,” washo, niyazi. Lokho...o, ukuqinisekisa—inkonzo yokuqinisekisa, engizama ukukusho. Ubehlise futhi ubaqinisekise, banikeze isidlo sokuqala bese ubaqinisekisa. Ayikho into enjalo njengokuqinisekisa. Ukuqinisekisa kuphela okuthintiwe eBhayibhelini, ngenkathi e—eBhayibhelini, kungenkathi uNkulunkulu eqinisekise iZwi laKhe ngezibonakaliso nezimangaliso zilandela. Lokho kungukuqinisekisa, hhayi ukuqinisekisa kokuba ngowebandla lamaLuthela, kodwa uNkulunkulu eqinisekisa iZwi laKhe kuwe. “Futhi iNkosi yayi...yasebenza nabo,” uMarku 16, “eqinisekisa iZwi nesibonakaliso silandela.” Lokho ukuqinisekisa kweBandla lepentekoste. Lokho ukuqinisekisa...uNkulunkulu eziqinisekisa Yena ukuthi uyaphila, njengoNkulunkulu owenza isimangaliso eBandleni, ekhuluma ngezilimi, ukuhumusha izilimi, nokwenza izinto ezifanayo abazenza ekuqaleni.

¹⁴⁵ Ngabe ngiyanikhandla na? [Ibandla liyaphendula, “Qhabo.”—Umhl.] Kulungile. Manje, qaphelani, abayibuyisanga imvuselelo kaMoya oNgcwele; babuyisa unyaka webandla omusha. Babuyisa abahlwithiwe; abaphunyukileyo ekubuseni ezindabeni ezingcwele kweRoma, ukwenza ukubusa ezindabeni ezingcwele zeProtestani. Yileyonto kuphela abayenzayo. Bagxumela ngaphandle epanini lokufraya lingene emlilweni, niyabo. Ku—kunjalo. Impela.

¹⁴⁶ Jezebeli wazala nje indodakazi. Futhi manje ningacabangi ukuthi ngisho lokhu nje ukuba—ukuba ngibesmati, ngisho lokhu ngoba iBhayibheli lasho njalo! IBhayibheli, eSambulweni 17, lathi, “Wayengunina wezifebe.” UJesu wathi lapha, “Njengoba nje wayenjalo uJezebeli, uyoba njalo naye.” Futhi waveza amadodakazi angcolisa i—izwe elalingangcoliswanga. Manje, yilokho impela ubuProtestani obukwenzile kuMoya wangempela kaNkulunkulu, bangcolisa into futhi bayibuyisela emuva ngqo kwenye inhlangano. Okungukuthi, uma uNkulunkulu ethanda, ngeSonto ekuseni, ngifuna ukunikhombisa ukuthi—ukuthi—ukuthi benza umfanekiso kuso isilo, futhi isilo kwakuyiRoma. Futhi benza umfanekiso okanjalo. Kwakuyini na? Inhlangano! O, ngethemba lokho kuyazika phansi ezinhliziyweni zabantu.

¹⁴⁷ Futhi niyamangala ukuthi kungani ngilwe nenhlangano kanzima kangaka yonke impilo yami; bengingazi qobo lwami. Kodwa bekuYinto *Ethile* ngaphakathi kimi imemeza; angikwazanga ukuyibamba. Ngiyazibuza, bengihlala ngizibuza, kungani bengihlale ngisezansi kwabesifazane kangaka na? Niyabo? Yonke impilo yami. Hhayi irea...

ngiqonde... angiqondile abesifazane bangempela; ngiqonde laba *abebefanele*, niyazi, amafayibha okuziphatha kahle abo ebhobokile nakho konke. Niyazi. Yilolo hlobo engi... o*Kuthile* kimi.

¹⁴⁸ Lapho ngisengomncane, omncanyana, umfana omdada, phezulu lapho, ngibabonile bona abesifazane benyuka lapho emgwaqeni, futhi ababo... ngazi ukuthi umyeni wabo wayephumile esebenza, bona phezulu lapho nomunye umfo, bedakiwe; eceleni komgwaqo, futhi babebahambisa phansi naphezulu nomgwaqo, bengabadakisi ngokwanele ukuba babayise ekhaya, baphekele abayeni babo ukudla kwakusihlwa. Ngathi abayifanele inhlamvu ehlanzekile ihambe idabule kubo. Kunjalo. Ngathi baphansi kunezilwane, bebengenza into enjalo. Futhi ngi... Ngenkathi ngineminyaka eyishumi nesikhombisa, iminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, ngibone i—intombazane yehla ngomgwaqo, ngaweleva ngakolunye uhlangothi, ngathi, “Leyo yinyoka enesihlungu enukayo.” Niyabo? Futhi bencingahle ukuba bencingozondayo ngempela, kodwa ngenkathi ngemukela uNkulunkulu enhliziyweni yami, uNkulunkulu wangivumela ngazi ukuthi Unamagugu athile phandle lapho, Unamanenekazi athile angempela. Angeke bonke bazingcolise bona uqobo kanjalo; bonga uNkulunkulu ngalokho.

¹⁴⁹ Ngenkathi ngangiphesheya e-Afrika, ngenkathi ngangiphesheya eSwitzerland, futhi ngenkathi ngiseRoma, ngabuzwa lombuzo kaningi, “Heyi, awusho, Mfowethu Branham, aninabo nonke noma yibaphi abesifazane abahloniphekile ngokuphelele eMelika na? Lonke iculo liza ngapha, kukokungcolile ngabesifazane benu.”

¹⁵⁰ Ngathi, “Laba ngamaMelikana. Kodwa sinomunye uMbuso okhona ngaleya, lowo nguMbuso kaNkulunkulu; bangamanenekazi kuze kufike emnyombweni.” Bayiwo!

¹⁵¹ IBhayibheli lathi, ngale ku—kubaprofethi, lathi... ngikholwa ukuthi kwakucishe kube isahluko 5 sika-Isaya, angiqinisekile, bekuyisahluko 5 noma 6 lapho; bekhuluma ngokuthi, “Thusisiwe indodakazi yaseSiyoni, iyakuphunyuka ngalolosuku kuzo zonke lezo zinto.” Ukuthi iyohamba kanjani yehle ngesitaladi; iyokwehlisa amasokisi ayo amade; iyocokama lapho ihamba; itshikize kanjalo, nezinto ebiyozenza. Ngayo impela nje indlela abenza ngayo manje, ngokuphelele nje. Eggoka izingubo njengendoda, okuyisinengiso kuNkulunkulu.

¹⁵² Ngibone umphakathi okholwayo, esikhashaneni esedlule, ungena ukuba ube... uhlobo oluthile lokuqhuma oluncane abanalo cishe njalo ebusuku, futhi laba besifazane bonke bengena nalezizikhi... Noma—noma yini—noma nizibiza ngokuthini lezozinto na? Hhayi izikhindi, kodwa enye into. Yebo, zingamabhulukwe amapedal phushazi. Noma lezo zinto lapho.

Konke e...Badinga ipedal ephushiwe, kulungile; mfowethu, lelo yibhodi cishe libebanzi *kangako*. Kunjalo. Ikhanda livela e...*Ohamba ngezinyawo*, lokho ku “sonyaweni lwakho,” futhi yilokho impela abakudingayo. Kunjalo.

¹⁵³ Kodwa, o, wena uthi, “Awu, manje, ngicabanga ukuthi kuhlonipheke kakhulu ukuba owesifazane agqoke lokho kunokuba kube isiketi.”

¹⁵⁴ UNkulunkulu wathi, “Kuyisinengiso emehlweni aKhe ukuba owesifazane agqoke ingubo...” Futhi uma owesifazane egunda izinwele zakhe njengendoda...uNkulunkulu ufuna owesifazane abukeke njengowesifazane, agqoke njengowesifazane, aziphathe njengowesifazane.

¹⁵⁵ Futhi Akafuni indoda enemicu yezinwele ezilengayo ezinkulukazi phansi *kanjena*, bese kuthi-ke, njengedada lihlezi emuva kwekhanda lakhe kanjalo. Ufuna yena abukeke njengendoda. Yebo, mnumzane. He, bagqoka njengabesifazane kuze kubenzima ukwazi ukuthi yibuphi ubulili abayibo. Kuyi—kuyinto edabukisayo, lamabhitnik nayo yonke into esinayo namhlanje. Akumangalisi ukuthi siphila esikhathini sokuphela, akukho lutho olusele kulelizwe ngaphandle kokuthi uNkulunkulu athulule ulaka lwaKhe phezu kwawo futhi awushise awuqothule. Yilokho kuphela. Olungile futhi uNkulunkulu oNgcwele abengenze lutho.

¹⁵⁶ Badelele iGazi likaJesu Kristu! Bazenzele isivumokholo! Bangene enhlanganweni! Futhi endala...ubaba ongcwele othize omdala neyakhe...umuntu omdala onesiqu sasenyuvesi nokhololo wakhe ophendukezelwe, enyuka futhi ebatshela ukuthi, “Zingane zami ezibusisiwe.” Lokho akusho ngaphezu kunoma ingulube yensikazi ingakusho.

¹⁵⁷ Nginyanitshela, esikudingayo kulobubusuku ukubuyela eBhayibhelini noMoya oNgcwele, mfowethu, futhi amandla kaKristu ovusiwe efika eBandleni esebenza izibonakaliso nezimangaliso nezimangaliso ezinkulu. Amen! Lelo yiVangeli. Yebo.

¹⁵⁸ Waveza...ngakho...Yebo, kunjalo, kwakwenza. I—i—invuselelo yenze izinto ezithile ezinhle ngempela lapho, leyomvuselelo. Kodwa ayivezanga uMoya oNgcwele. Abavezanga lokho kuze kwehlele phansi kulonyaka waseLawodikeya, phansi onyakeni wePentekoste. Kodwa kwenza into eyodwa. Lemvuselelo yenze ezinye izinto Athi, “Ungayivumeli ife manje, iqinise futhi uqhubeke wenezela kuyo.” Niyabo?

¹⁵⁹ Yaveza iBhayibheli lamahhala kubantu futhi. Unyaka wamaLuthela waveza iBhayibheli lamahhala. Benza ukucindezela kwabo futhi baqala ukunikeza umhlaba iBhayibheli. UNkulunkulu awabusise amaLuthela ngalokho! Yebo, mnumzane. Babuyisela iBhayibheli ezandleni zabantu

abangafundele lutho futhi; kwakungumpristi yedwa. Wayengafanele ngisho ukuba abuke kuLo; ngoba kwakuyilokho okwashiwo nguphapha, futhi wayengunkulunkulu; ngakho noma yini ayisho, lokho kwakwenza.

¹⁶⁰ Ngakho manje, imvuselelo yamaLuthela, lokho ababekufuna, uku “qinisa.” Manje uneBhayibheli esandleni sakho, manje Lifunde! Likholve! UngaLibeki eshalofini, uthi, “Awu, sineBhayibheli.” Lokho ngeke kukusize ngalutho lapho. KunamaLuthela amaningi kakhulu ePentekoste namhlanje, ukubeka iBhayibheli ngapho futhi uthathe lokho omunye umuntu akushoyo ngaLo. Mfowethu, funda iZwi! “Hlola imibhalo, ngoba yiyo efakaza ngaMi,” kwasho uJesu. “Kuyo nicabanga ukuthi ninokuPhila okuPhakade.” Lokho yinto enifanele niyenze: fundani iZwi!

¹⁶¹ Manje, Wathi nje kwabalungileyo, “Bambelela kuLokho, i...unga—ungavumi lokho kushelele.” Futhi enye into Wayefuna ukuba babambelele kukho, babenamandla okuqina amancane ayesele kubo, kwaku...Imvuselelo yamaLuthela, into yesibili eyenzile, ilethe imfundiso yokulungisiswa ekukhanyeni. IKatolika alikuthathi ukulungisiswa; yibandla eliKatolika.

¹⁶² Njengalowo mpristi, abadingeka bamsuse emoyeni lapha esikhathini esedlule. Wathi, “Ayikho enye insindiso kwenye indawo kodwa ebandleni eliKatolika.” Insindiso ikuKristu; hhayi ebandleni eliKatolika, hhayi ebandleni lamaProtestani. IkuKristu, insindiso. Kodwa iKatolika likholwa... Abanendaba ukuthi iBhayibheli lithini; yilokho okushiwo ibandla. Niyabo? Ungeke wakhuluma nabo, ngoba akukhondlela—akukhondlela yokukhuluma nabo. Abanendaba. Bane... Bayokhuluma kuwe ngekhathekizimu labo, noma yini kanjalo; kodwa uza eBhayibheli, ba—bayakulahla nje Lokho, “Yilokho ibandla elikushoyo.”

¹⁶³ Kodwa uJesu wathi, kulento kanye, uJesu qobo lwaKhe wathi, “Uma umuntu eyosusa noma yini noma engeze noma yini kuLo, Uyosusa ingxenye yakhe eNcwadini yokuPhila.” UJesu wathi, “Makuthi amazwi omuntu abe ngamanga, futhi awaMi abe yiQiniso. Amazulu nomhlaba kodlula, kodwa iZwi laMi alisoze ledlula.” Kunjalo na? O, naKho-ke, mfowethu.

¹⁶⁴ Ngiyikholwa eZwini likaNkulunkulu! Kunjalo. Futhi hhayi leloZwi kuphela uNkulunkulu alikhuluma *lapho*, khona-ke ngacela uBaba waseZulwini ukuba anginike uMoya oNgcwele ukuqinisekisa leloZwi, ukwenza uKristu aphile kimi. Ukuthi ngiyazi ukuthi nginokuPhila okuPhakade, hhayi ngoba ngiKufanele, ngoba umusa waKhe wangipha Khona. Lelo idwala. “Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha ibandla laMi,” Washo.

¹⁶⁵ Kulungile, ukulungisiswa. Kulungile. Into yakho yayingukuthi, emva kokuba base beveze okuthize ukuthi babengafanele bakuvumele kufe, lokho kwakungukuthi, babeneBhayibheli esandleni sabo futhi. AmaLuthela akwenza lokho. Futhi enye into, banemfundiso yoku “lungisiswa ngokukholwa.” Yilokho uLuther akufundisa, wonke umuntu uyazi ukuthi lokho kwakuyimfundiso yakhe. Ukulungis-... Aniboni ukuthi lokho kuphelele kanjani na? Khona-ke kufika uWesley nokungcweliswa, khona-ke nakhu kufika iPentecostal nombaphathizo kaMoya oNgcwele. Ngokuphelele nje. Manje ngi...

¹⁶⁶ “Unezinto ezimbalwa, bambelela kuzo manje, futhi—futhi ungazivumeli zife. Uma ungabambeleli kulokho, Ngizokuza ngokushesha njengesela futhi uzobuyela emuva ngqo ehlelweni futhi.” Futhi yilokho abakwenzayo, impela nje, babuyele phakathi. “Ubuyela emuva ngqo ebuNikolawini futhi, ngoba uzobuyela emuva ngqo uphume ehlelweni. Bambelela! Qhubeka ufunde leloBhayibheli, futhi ugcine ukulungisiswa, futhi qhubeka uphikelele.” Kodwa kukhona insali encane ephuma lapho. Insali encane.

¹⁶⁷ Kamuva, kuqala kufika, uLuther; bese-ke kufika uZwingli; futhi kuqhubeke kwehle, uCalvin; futhi kuqhubeke, kanjalonjalo, kuqhubeke kwehlele kuWesley. Kodwa kwakukhona insali encane ephuma lapho eyafundisa ukungcweliswa. Futhi ekungcwelisweni kuphuma insali encane yaqhubekele kuMoya oNgcwele. Niyabo, leyonsali encane, yonke indlela lapho, ukugcina Lokho—Lokho kuphila. Kulungile.

¹⁶⁸ Kodwa, okwesithathu, bakhapha inqwaba yemfundiso yezinhlobo zobuhedeni kubo, ngakho, njengamahlelo, umbhaphathizo wamanga. Manje, baphuma befafaza nokunye nokunye kanjalo, futhi uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele. Baletha ikhathekizimu. Ngempela babe...ngempela bafanelana negama...ne...uJesu akusho lapha, “Unegama lokuthi uyaphila, kanti ufile.” Kunjalo. Kulungile.

¹⁶⁹ Okwesine, kuyiqiniso ukuthi inguquko yakhuculula okuningi kwezinto ezingcwele ezasalayo zabo ezapholishwa na—namasiko nokunye nokunye, kodwa kwehluleka ebandleni nokubuyisela kokuveza inguquko, kwehluleka ukubuyisela emuva ukufundisa kweVangeli eligcwele nezibonakaliso zilandela. Ibandla lamaLuthela alikaze libe nayo. Abakaze babenayo; futhi abakaze babe nayo onyakeni kaWesley. Babanayo phansi ekupheleni kwalonyaka waseLawodikeya.

¹⁷⁰ Manje, uma singena kulokho, sizobuyela emuva ngqo emiBhalweni futhi nginikhombise impela nje ukuthi bakuthembisa kanjani. Babengenayo i...ababuyiselanga invuselelo kaMoya oNgcwele.

¹⁷¹ Baphenduka basuka ezithombeni; futhi baphenduka basuka ezithombeni, lelo yiqiniso. Behlisa izithombe bazikhipha ebandleni: uMariya, noJosefa, no—noPetru, noPawulu, nabo bonke. Baphenduka basuka ezithombeni, kodwa abaphendukelanga kuKristu ovukile. ULuther waphenduka basuka ezithombeni, kodwa wangena kokufana kakhulu nezombusazwe noma i—noma ihlelo noma inhlangano, ukuzenzela enye inhlangano (umfanekiso onjengowokuqala) futhi wazama ukukukhulisa kwedlulele ngehlelo.

¹⁷² Futhi manje basalwa. AmaMethodisti asafuna uku...onke amaBaptisti ukuba amaMethodisti. Futhi onke amaLuthela afuna onke amaBaptisti namaMethodisti abe amaLuthela. IPentecostal ifuna onke amaBaptisti, amaLuthela, nakho konke okunye, kube yiPentecostal. Niyabo, uba ulokhu nje wenezela ehlelweni lakho. Kodwa lolo akusilo uhlelo lukaNkulunkulu kwasekuqaleni. Uhlelo lukaNkulunkulu lokubuyisela kwakungukubuyisa lokho okwakukhona kusukela ekuqaleni.

¹⁷³ Bukani! Ukuvusa lokho! Uma lencwadi iwela phansi, manje ukuthatha enye incwadi futhi uyithathe endaweni yayo akusikho ukubuyisela, ukuvusa. Ufanele ulethe okufanayo. Amen. Ngakho uma ibandla lafa eziKhathini zoBumnyama futhi laba ngumhedeni ngokuphelele emuva *lapha*, khonake ukubuyiselwa, i...Leyo inguquko, ukuguqula; kodwa ukuguqulwa, nokuzalwa ngokusha, izinto ezimbili ezahlukenene. Niyabo? Babuyisa inguquko, ukuguqula, basuka enqwabeni yezithombe zabo nokunye nokunye, kodwa abazange neze babuyisele uMoya oNgcwele ebandleni. O, alibongwe iGama leNkosi! Mfowethu, dadewethu, ningakubona na? Abazange nhlobo babuyisele uMoya oNgcwele, ngoba lowo oletha ngempela ukuKhanya kweVangeli kweqiniso...Gqoka ikepisi lakho manje. Lowo oletha ukuKhanya kweVangeli kweqiniso yingelosi yebandla phansi *lapha*. Manje, sizokubona lokho ngeSonto.

¹⁷⁴ Manje, bayoba nokukhanya phezulu esiqongweni sokukhanya, futhi ukukhanya kwamaKristu, kodwa bonke bayobuyela ngqo kuleyo nhlangano. Kodwa kuyofika lowo oyedwa oyomelana nayo. Yebo, mnumzane. Futhi uyodluthula insali isuke lapho ngokuqinisekile njengoba nje ngimi kulelipulpiti. Kunjalo. Futhi uyobuyela ngqo emuva ekuqaleni. Futhi ngizothatha imiBhalo ephuma eTestamenteni eLidala neTestamente eLisha futhi ngifakazise kini ukuthi uyokwenza lokho, ingelosi yebandla laseLawodikeya, kunjalo, buyelani emuva ngqo kokwasekuqaleni futhi nivuse lento lapha futhi. Futhi uvuko luyofika ngosuku lwalokhu *lapha*. Kunjalo.

¹⁷⁵ Kodwa uLuther wadluthula ibandla walikhipha, eliphunyukileyo. *Eliphunyukileyo*, isinyathelo esisodwa,

ngcwel-...ukulungisiswa. Ophunyukileyo, wakhapha unyawo olulodwa ebuhedenini. Kunjalo. Ngesikhathi esilandelayo, kukhipha izinyawo zombili. Yilokho kuphela.

¹⁷⁶ Njengoba nje...Niqaphelile eBhayibhelini kuna—kunamanzi aphuma ngemuva eThempelini na? Futhi wathi wabona amanzi efike emadolweni akhe; khona-ke okulandelayo, amanzi ayesesokhalweni; futhi ngesikhathi esilandelayo, enyukela ekhanda lakhe. Kodwa lapho esenyukele ngaphezu kwekhanda lakhe, wayedingeke afike endaweni lapho ayengabhukuda khona. Niyabo, wayedingeka abhukude.

¹⁷⁷ Ngakho singena endaweni manje kuphakathi kokuthi bhukuda noma uminze. Yilokho kuphela. Kuzokuminzisa futhi kukubalekise ngokuphelele, noma kukungenise, okukodwa. Ngakho, ukubhukuda noma ukuminza! Haleluya! O, ngiyajabula kakhulu ngoMoya oNgcwele! Anijabuli na?

Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi
ningomunye wabo.
Ngingomunye wabo, . . . (Baphi *bona* na? Hhayi
lokhu, lokho, noma *lokho*, noma *lokho*.)
. . .jabula kakhulu ukuthi ngingathi
ningomunye wabo, Haleluya;
Omunye wabo, omunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi
ningomunye wabo.

Ngabe lokho kuzwakala kukuhle na? Lalelani:

Babebuthene ekamelweni eliphezulu,
Bonke bekhuleka egameni laKhe,
Babhaphathizwa ngoMoya oNgcwele,
Namandla enkonzo afika;
Manje lokho Abenzele khona ngalolosuku
Uzonenzela okufanayo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi
ningomunye wabo.
O, omunye wabo, ngingomunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi
ningomunye wabo, Haleluya;
Omunye wabo, omunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi
ningomunye wabo.

¹⁷⁸ Ngabe baya emakholiji na? Qhabo. Abanye babo abakwazi ngisho ukubhala igama abo uqobo. Kunjalo. UPetru wayengeke. IBhayibheli lathi wayengazi lutho futhi engafundile, yena noJohane. Kodwa babanaka, ngoba bazi ukuthi babekade benoJesu.

Nakuba lababantu bengafundile (Fundisiwe.),
 Noma baqhoshe ngodumo lwezwe (“O,
 akabusiwe uNkulunkulu, nginokuningi
 kakhulu *ukuthi-nokuthi*.”),
 Bonke bemukele iPentekoste labo,
 Babhaphathizwa egameni likaJesu;
 Futhi bayasho manje, kokubili kude
 nakabanzi,
 Amandla aKhe namanje asafana,
 Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi
 ngingomunye wabo.
 O, omunye wabo, omunye wabo,
 Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi
 ngingomunye wabo;
 Omunye wabo, omunye wabo,
 Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi
 ngingomunye wabo.

¹⁷⁹ Anijabuli ngakho na? Ngijabula kakhulu ukuba ngomunye wabo. Ngiquka ukuba ngomunye wabo kunanoma yini engiyaziyo. O, ngiquka ukuba ngomunye wabo kunokuba ngibe nguMongameli wase-United States noma ngibe yinkosi phezu komhlaba. Nginga...Uma iNkosi uJesu yahamba phansi lapha, ithi, “Ngizokubuyisela emuva eminyakeni engamashumi amabili ubudala futhi ngikwenze umbonisi, inkosi yomhlaba wonke, futhi ngikunikeze iminyaka eyizinkulungwane eziyishumi yo—yokuphila phezu kwalomhlaba, ukuhlala iminyaka engamashumi amabili ubudala; ungalokothi ube nosuku lokugula, ubuhlungu benhliziyo, futhi konke kuyoba yinjabulo nakho konke, nenkosi yomhlaba wonke, ukuba uphile iminyaka eyizinkulungwane eziyishumi; noma ubungathanda ukuqoka ukuba ngomunye wabo futhi nje futhi udingeke ukuba uzabalaze wedlule njengoba wenza na?”

¹⁸⁰ Bengingathi, “Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo!” Emva kweminyaka eyizinkulungwane eziyishumi, khona-ke kwenzekani na? Kodwa Lokhu ngokuPhakade. Kweza kanjani, mfowethu na? O, Kuze ngeGazi. Kunjalo. Kuvela kude, futhi Kuza ngoNkulunkulu enziwe inyama futhi wakha phakathi kwethu:

Emkhombeni kudala, ngiyazi kunjalo impela,
 INgane yazalwa ukusindisa abantu ezonweni
 zabo.
 UJohane waMbona ogwini, iWundlu
 njalonzalo,
 O, Kristu, Obethelwe waseKalvari.
 O, ngiyamthanda lowoMuntu waseGalile,
 waseGalile,
 Ngokuba Ungenzele okukhulu kakhulu.

Uthethelele zonke izono zami, wabeka uMoya
oNgcwele ngaphakathi;
O, ngiyathanda, ngiyamthanda lowoMuntu
waseGalile.

Owesifazane emthonjeni, Yena zonke izono
zakhe wamtshela, (Unguyena izolo, namuhla,
naphakade.)

Futhi ukuthi wayenawo kanjani amadoda
ayisihlanu ngalesosikhathi.

Wathethelelwa sonke isono, nokuthula
okujulile kwabekwa ngaphakathi;

Wamemeza, “Wozani nibone loMuntu
waseGalile!”

O, ngiyamthanda lowoMuntu waseGalile,
waseGalile,

Ngokuba Ungenzele okukhulu kakhulu.

Uthethelele zonke izono zami, wabeka uMoya
oNgcwele ngaphakathi;

O, ngiyathanda, ngiyamthanda lowoMuntu
waseGalile.

Umthelisi waya kokhuleka ethempelini lapho
ngelinye ilanga,

Wamemeza, “O Nkosi, ngihawukele!”

Wathethelelwa sonke isono, nokuthula
okujulile kwafika ngaphakathi;

Wathi, “Wozani nibone loMuntu waseGalile.”

Ngiyakuthanda lokho. Anikuthandi na?

Unyonga lwenziwa lwahamba, isithulu
senziwa sakhuluma,

Lawo mandla akhulunywa ngothando phezu
kolwandle;

Futhi impumputhe yenziwa yabona, ngiyazi
kwakungaba kuphela

Isihawu salowoMuntu waseGalile.

Liculeni nami:

O, ngiyamthanda lowoMuntu waseGalile,
waseGalile,

Ngokuba Ungenzele okukhulu kakhulu.

Uthethelele zonke izono zami, wabeka uMoya
oNgcwele ngaphakathi;

O, ngiyathanda, ngiyamthanda lowoMuntu
waseGalile.

¹⁸¹ AniWuthandi na? O, he! Leli elihle, iVangeli likaMoya
oNgcwele, o, ngiWuthanda kanjani. Ngimthanda ngenhliziyo
yami yonke. Futhi ngijabula kakhulu kulobubusuku ukuthi
ngibalwe kanye nabo, futhi sindawonye njengabafowethu

nodadewethu. AmaBaptisti, amaMethodisti, amaPres-... iKatolika, iPresbyterian, noma yini enye, uNkulunkulu usikhiphile kuyo yonke imihambo yokuphila futhi usilethe ngaphesheya ngapha kulenhlanganyelo enkulu kaMoya oNgcwele. Kungesikho ukuba owanoma yiliphi ihlelo, lokho kukubona lokho abakwenzayo, kodwa siseMbusweni oyimfihlakalo. Sibhaphathizwe emzimbeni ofipheleyo kaJesu Kristu, ngoMoya oNgcwele. Ubani na? IMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, noma ngubani othandayo, makeze.

¹⁸² UJesu wathi, “Konke uBaba aNginike khona kuyokuza kiMi, futhi akekho kubo oyolahleka, futhi ngiyobovusa futhi ngosuku lokugcina.” O, he! Sasivame ukucula iculo elidala phansi e-altare lapha; angazi noma singalacula noma qha, “Indawo, indawo, yebo, kunendawo, kunendawo yami emthonjeni.” Niyawathanda lawomaculo amadala akanjalo na? Sinikeze indlela omunye, omunye owaziyo ukuthi liqalwa kanjani. Ukuphi umshayi wopiyano wethu na? Ngabe ulapha na? Noma uMfowethu Teddy noma ngubani wabo lapha na? Bona na? O, he, a—angimboni ndawo.

Indawo, indawo, yebo, kukhona indawo,
Kukhona indawo yakho emthonjeni;
Indawo, indawo, yebo, kukhona indawo,
Kukhona indawo yakho emthonjeni.

¹⁸³ Niyawathanda lawo maculo amadala na? Futhi ngiyalithanda leli futhi:

Ezansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami
wafa khona,
Ezansi lapho ngakhalela ukuhlanzwa
esonweni;
O, lapho enhliziyweni yami igazi labhecwa
khona;
Udumo egameni laKhe!

Udumo egameni laKhe! Igama laKhe
eliyigugu!
O, udumo ku... (Asivale amehlo ethu manje
futhi silicule.)
O, lapho enhliziyweni yami igazi labhecwa
khona;
Udumo egameni laKhe!

Ngisindisiwe ngokumangalisayo kakhulu
esonweni,
UJesu uhlala kamnandi kakhulu ngaphakathi,
Lapho esiphambanweni lapho Angifaka
khona;
Udumo egameni laKhe!

Udumo egameni laKhe! Lelo Gama eliyigugu!
 Udumo egameni laKhe! IGama eliyigugu!
 Lapho enhliziyweni yami igazi labhecwa
 khona;
 Udumo egameni laKhe!

184 Manje sisacula lelivesi elilandelayo, xhawulana nomuntu
 ophambi kwakho, emuva kwakho, emaceleni kwakho.

Woza, kulomthombo ocebe kakhulu futhi
 omnandi;
 Phosa umphefumulo wakho ohluphekile
 ezinyaweni zoMsindisi;
 O, bhukuda namhlanje, futhi upheleliswe;
 Udumo egameni laKhe!
 Udumo egameni laKhe! Lelo gama eliyigugu!
 Udumo egameni laKhe eliyigugu!
 Lapho enhliziyweni yami igazi labhecwa
 khona;
 Udumo egameni laKhe!

O, ngiyakuthanda lokho. Anikuthandi na?

Udumo egameni laKhe! IGama eliyigugu!
 Udumo egameni laKhe!
 Lapho enhliziyweni yami igazi labhecwa
 khona;
 Udumo egameni laKhe!

185 O, he! Ngijabula kakhulu ngalokho. Anijabuli na? Ngijabula
 kakhulu ukuthi ngingeza kuloMthombo ocebe kakhulu futhi
 omnandi, ngiphosa umphefumulo wami ohluphekile ezinyaweni
 zoMsindisi.

186 Ngiyakhumbula ngelinye ilanga, lapho umfana omncane,
 cishe eneminyaka eyisishumi nesishiyagalombili ubudala,
 ebalekela iNkosi. Ngaphuma ngaya eNtshonalanga,
 ngangifuna... Ubaba wami wayengumgibeli, futhi ngangifuna
 ukuphuma futhi ngifundise amahhashi. Into ethize nje ilambile
 enhliziyweni yami. O, nginyanitshela!

187 Ngehlela kumshumayeli weBaptisti, wathi, "Sukuma futhi
 nje uthi, 'uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu,' sizofaka igama
 lakho encwadini." Lokho akungenelisanga.

188 Yonke indawo lapho engaya khona othile... ISeventh-day
 Adventist, ngaya ukuyombona, indoda ekahle, uMfowethu
 Barker, umfowethu othandekayo, wathi, "Billy, woza futhi
 wemukele isabatha leNkosi." (Nginalo manje.) Kodwa wathi,
 "Usuku lwesabatha." Futhi ngacabanga, "O, he, lokho namanje
 akukwenzi." Niyabo.

189 Ngaphuma ngaya eNtshonalanga, futhi ngacabanga...
 Ngafika emuva le enhla lapho ngalobobusuku, sasisekuqoqeni
 izinkomo. Futhi, niyazi, ususa isihlalo sakho sehhashi

nesikhwama sakho sokukhempa, ukwendlale, futhi usebenzisa isihlalo sakho sehhashi njengomcamelo. Futhi ngangilele emuva, phezulu ngaphansi kwalezozihlahla zeshoba ezindala ngalobobusuku. Futhi ngangiqapha emini, ngakho abafana basebusuku babephumile behlisa izinkomo. Futhi kwakukhona umfo osekhulile owayebizwa ngo “Slim,” ovela eTexas, wayene—nesiginci lapho futhi wayedlala:

Udumo egameni laKhe!

¹⁹⁰ Omunye umfo lapho wayephethe ikamu nophisi wephepha, efutha ngalo. [UMfowethu Branham uyahamisha, *Udumo eGameni laKhe*—Umhl.] Babekade becula amanye amaculo, iculo lamakhawa, base becula lelo *Phansi esiPhambanweni*.

¹⁹¹ He! Ngaphenduka, ngabeka ingubo yami yokulala phezu kwekhanda lami *kanjena*. Ngabuka emuva, niyazi, futhi kwakubukeka sengathi lezo zinkanyezi zazilengela phansi lapho zisondele esicongweni salezo zihlahla nalezo zintaba. Ukunyenyeza okudala kwanjalonjalo kwamashoba, ngangiMuzwa empongoloza, “Adamu, ukuphi na?”

¹⁹² Cishe emva kwamaviki amathathu emva kwalokho, ngehlela edolobheni futhi bonke abafana badakwa, futhi ngangingaphuzi. Ngadingeka ngibayise ekhaya bonke, ngibanqwabelanise emotweni, noma kanjani. Futhi baphuma lapho futhi bedubulana izinzwane zomunye nomunye, nakho konke okunye nokunye, futhi kuyingozi ukuphepha; badweba umugqa oqondile phansi lapho, futhi bebheja amanye amadola amahlanu babengakuhambisa, futhi babengakwazi ukuhamba endleleni eseceleni komgwaqo phandle lapho kanjalo, niyazi. Futhi yileyondlela okwenzeka ngayo baze bonke baswanguluka ekudakweni, emuva kokuba sebethole imali yabo.

¹⁹³ Futhi ngangisezansi lapho futhi bonke babephuza, ngaya ngaphesheya ngehlukana futhi ngahlala phansi. Ngacabanga, “He, he!” Cishe eminyakeni engamashumi amathathu nanhlanu edlule, noma amashumi amathathu nanhlanu, ngiqagele, iminyaka engamashumi amathathu nanhlanu edlule. Futhi ngahlala phansi lapho, ngokwehlukana. IPhoenix yayiyindawo encane ngalesosikhathi, sasivela eWickenburg ezansi lapho. Ngangihlezi phansi lapho, futhi kwakukhona intombazanyana yaseSpain iza iqhwabaza idabula lapho; futhi mina ngihlezi lapho nalesisigqoko esikhulu sihleli emuva ekhanda lami; yedlula futhi yawisa leliduku elincane, niyazi. Ngathi, “Heyi, ngathi uwise iduku lakho.” Ngangingakhathalele.

¹⁹⁴ Ngezwa umsindo omncane ezansi nomgwaqo lapho, futhi ngehlela lapho. Futhi kwakukhona umfana omdala ophendukile kulezo zibaya zezinyamazane phandle lapho, emidayidwa ebusweni bakhe bonke, futhi izinyembezi zehla ngezihlathi zakhe lapho, eshaya isiginci, ecula:

Udumo egameni laKhe!

¹⁹⁵ O, he! Izinyembezi zehla ebusweni bakhe, wama futhi wathi, “Mfowethu, awazi ukuthi kuyini kuze kube wemukele loKristu omangalisayo”:

Udumo egameni laKhe!

¹⁹⁶ Futhi ngethula lesosigqoko esikhulu futhi ngasuka ngahamba. O, he! Ungeke waMcashela. Usungavele nje uphume futhi uMvume. O, Uyamangalisa! Yebo, Unjalo.

Ngisindisiwe ngokumangalisayo kakhulu esonweni,

UJesu uhlala kamnandi kakhulu ngaphakathi, (uhlala ngaphakathi)

Lapho esiphambanweni lapho Angifaka khona;

Udumo egameni laKhe!

Udumo egameni laKhe! Gama!

Udumo egameni laKhe!

O, lapho enhliziyweni yami igazi labhecwa khona;

Udumo egameni laKhe!

O, woza, kulomthombo ocebe kakhulu futhi omnandi;

Phosa nje umphefumulo wakho ohluphekile ezinyaweni zoMsindisi;

O, bhukuda namhlanje, futhi upheleliswe;

Udumo ku . . .

Manje asikhothamise amakhanda ethu, nje asiphakamise izandla zethu manje:

Udumo egameni laKhe! (Udumo, udumo!)

(O Nkulunkulu.) . . . iGama eliyigugu!

Lapho enhliziyweni yami igazi labhecwa khona;

Udumo egameni laKhe!

¹⁹⁷ Udumo kuNkulunkulu! Asisukume. O, umzuzu nje; nje, linda nje. . . [Udade okhuluma ngolunye ulimi. Umfowethu unikeza ukuhumusha—Umhl.] Yebo, Nkosi.

¹⁹⁸ Manje uma bengaba khona abebengazi ukuthi lokho bekuyini, lelo yiPentekoste, uMoya oNgcwele ukhuluma. UJesu wathi, “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli. Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakhulwayo. Bayokhuluma ngezilimi ezintsha; babeke izandla phezu kwabagulayo, bayosinda.” Zonke lezi zinto Akhuluma ngazo, kuyofezeka.

¹⁹⁹ O, ngijabula kakhulu. Ngibona uMoya oNgcwele uza, uqinisekisa leloZwi na? Ukukhanya, kuthathe, ninga—ningakungabazi. Kwemukeleni nje futhi Uzosebenzana nani njengomntwana futhi anikhulise kahle. Akusibo ubumnandi

bukaMoya oNgcwele ukukwenza lokho na? UMoya oNgcwele phezu kwethu.

²⁰⁰ Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi eBhayibhelini, babengazi ukuthi izinto zaziza ngayiphi indlela, isitha sasiza, futhi uMoya oNgcwele wehlela phezu komuntu kanjalo, futhi wabatshela khona impela ukuthi abayephi. Futhi baya lapho, futhi uNkulunkulu wadida elinye ibutho futhi walixosha. Kulungile.

²⁰¹ O, sisaphila ezinsukwini zeBhayibheli! Asinjalo na? Amen. Njalo, inqobo nje uma uMoya oNgcwele ulapho.

²⁰² O, asime sisacula:

Hamba negama likaJesu na... (Khumbulani uMmlayezo.)

Mntwana wokuhlupheka nowosizi;
Liyokunikeza injabulo nentokozo,
Lithathe noma uyaphi.

Gama eliligugu, Gama eliliGugu,
O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, Lelo Gama eliligugu!
Limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Hamba negama likaJesu,
Njengesihlangu kubobonke onoxhaka;
Uma izilingo zikuzungeza,
Phefumula lelogama elingcwele ngomkhuleko.
(Makabongwe uNkulunkulu!)

Gama eliligugu,
O limnandi kanjani!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Lalela lelo vesi:

Hamba negama likaJesu,
Njengesihlangu kubobonke onoxhaka;
Uma izilingo zikuzungeza,
Phefumula lelogama elingcwele ngomkhuleko.

O, asilicule futhi:

Hamba negama likaJesu,
Njengesihlanu kubobonke onoxhaka;
Uma izilingo zikuzungeza,
Phefumula lelogama elingcwele ngomkhuleko.

Asikhothamise amakhanda ethu manje:

Gama eliligugu, Gama eliligugu, O limnandi
kangaka!

Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!

Limnandi kangaka!

Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.



UNYAKA WEBANDLA LASE SARDESI ZUL60-1209

(The Sardisean Church Age)

UCHUNGECHUNGE LWE SAMBULO SIKA JESU KRISTU

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesihlanu kusihlwa, ngoDisemba 9, 1960, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2020 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org